www.kznonline.gov.za

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI USHICILELO 202 • **OCTOBER 2016**

# UNDUNANKULU UZWAKALISE UKUBONGA KUMONGAMELI



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu uhambele umkhosi wamaNxamalala eGreytown lapho ezwakalise ukubonga kuMongameli wesizwe ngegalelo lakhe neqhaza alibambile ekuthuthukisweni kwezwe laseNingizimu Afrika.

**Bheka udaba ekhasini 3**




KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

**UHULUMENI WAKWAZULU-NATAL**
UFISELA UKUBHALA OKUHLE
KUBAFUNDI **BEBANGA LESHUMI**

**"INGANE YAMI EYAKHO, INGANE YAKHO EYAMI"**

UHulumeni unxusa zonke izakhamuzi zakwaZulu-Natal ukuba zisekele abafundi abazobe bebhala izivivinyo zika Matric.

Asibumbane sakhe isiFundazwe esinozinzo nesiyisikhondlakhondla kwezomnotho nentuthuko. Imfundo iyona ukhiye ozosiyisa empumelelweni.

**"Ingane Yami eYakho, Ingane Yakho eYami"**

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving **KZN Vision 2035**

KZN Provincial Communications_2016

# OKUNGAPHAKATHI












## ZININGI IZIFUNDO UBABA UMSHOLOZI ASIFUNDISE ZONA KUBEKA UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL

### IKHASI 3

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu uhambele umkhosi wamaNxamalala eGreytown lapho ezwakalise ukubonga kuMongameli wesizwe ngegalelo lakhe neqhaza alibambile ekuthuthukisweni kwezwe laseNingizimu Afrika

## UZIKALALA USAYINDE ISIVUMELWANO SIKA R1.3 BILLION

### IKHASI 5

Kuzodaleka indathane yamathuba emsebenzi evile emakhulwini amathathu KwaZulu-Natali kulandela ukusayindwa kwesivumelwa esizoletha isikhondlakhondla senkampani kulesisifundazwe.

## UKWETHWESWA IZIQU KWABAHLENGIKAZI KUSIMAMISA EZEMPILO ESIFUNDAZWENI

### IKHASI 7

Ukwethweswa iziqu kwabahlengikazi abawu-1501 KwaZulu-Natali kuzolithuthukisa kakhulu izinga lokuhlinzekwa komphakathi ngezinsiza zezempilo.

## UMASITHOLE-MOLOI UNIKELE NGESIHLALO ESINAMASONDO

### IKHASI 11

Isalukazi esineminyaka engama-82 sesinikelelwe ngesihlalo esinamasondo ngungqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi eMadlangeni ngaphansi kukamasipala iMajuba enyakatho-ntshonalanga nalesifundazwe.

## IKWAZULU-NATALI IBUTHE INQWABA YEZINDONDO KWEZOLIMO

### IKHASI 13

Bekugcagca iKwaZulu-Natal eMittah Seperepere Convention Center lapho bekubanjelwe umcimbi wokuklomelisa iziFundazwe eziphumelele kuZwelonke emncintiswaneni wokunakekelwa komhlaba.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# ZININGI IZIFUNDO UBABA UMSHOLOZI ASIFUNDISE ZONA KUBEKA UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL

**Kuyintokozo kakhulu kumina ukuthi nginethulele uNgqongqoshe omdala wezokuthuthukiswa kwezomnotho Kanye nezokuvakasha futhi ophinde waba ngusekela Mongameli esikhathini esedlule.**

**NOLWAZI NZUZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu. Willies Mchunu uhambele umkhosi wamaNxamalala eGreytown lapho ezwakalise ukubonga kuMongameli wesizwe ngegalelo lakhe neqhaza alibambile ekuthuthukisweni kwezwe laseNingizimu Afrika.

Lomkhosi ubuhanjelwe nguMongameli wesizwe uMnu. Jacob Zuma ngokwesikhundla sakhe sokuba usihlalo wesizwe samaNxamalala kanti lomkhosi ubunezihambeli eziningi okubalwa Amakhosi Kanye namakhulu abantu abaqhumuka ezindaweni ezahlukahlukene kwisiFundazwe saKwaZulu-Natal.

UNdunankulu uchaze igalelo neqhaza elibanjwe nguMongameli wesizwe ekuthuthukisweni kweNingizimu Afrika eminyakeni eyedlule lapho echaze khona wathi "Kuyintokozo kakhulu kumina ukuthi nginethulele uNgqongqoshe omdala wezokuthuthukiswa kwezomnotho Kanye nezokuvakasha futhi ophinde waba ngusekela Mongameli esikhathini esedlule. Kufanele kuqashelwe ukuthi uMnu. uJacob Zuma udlale indima ebaluleke kakhulu ekugqugquzeleni ukuthula nokubekezelelana kwisishayamthetho sesiFundazwe".

UMongameli wadlala indima ebaluleke kakhulu ekucijeni, nokubumba ubuholi besiFundazwe saKwaZulu-Natal waphinda wakha isiko eliqinile kulabaholi lokuhloniphana nokusebenzisana ndawonye ngokuthula namanye amaqembu ezepolitiki.

Ngokusebenzisa izinyathelo ezihlukene zokuzama ukuthula, Kanye nemihlangano eyayihlanganisa amaqembu amabili ezepolitiki okuyi-ANC Kanye neIFP isimo sokungabekezelelani phakathi kwalamaqembu amabili saguquka kwase kwakheka umoya wokuzwana Kanye nokuncintisana okunokuthula futhi okuvulelekile Kanye nokubambisana kuqhuba uNdunankulu. "Ngesikhathi uMongameli Zuma esenguNgqongqoshe wezomnotho kwaZulu-Natal wasifundisa ukuthi ukuba ngumholi kudinga isibindi Kanye nokuthi kufanele ugxile entweni oyenzayo.

Waphinda wasifundisa ukuthi izimiso zethu ezokuthi sishintshe umphakathi ubengcono ngakho akukho okwakuzosivimba endleleni yethu yokulwela inkululeko Kanye nentando yeningi.

UMongameli waphinda wasifundisa ukuthi ukuvunyelwa kwamaqembu ethu ezepolitiki kwakungasho ukuthi umzabalazo wethu wenkululeko uyamukelwa ngokuthula" kubeka uMhlonishwa uMchunu.



*UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu (ngasesandleni sokunxele) kanye nomongameli waseNingizimu Afrika uMhlonishwa Jacob Zuma (ngasesandleni sokudla).* ***Isithombe: THEMBA MNTYALI***

Esephetha inkulumo yakhe yokwethula uMongameli uZuma kwizithameli zalomcimbi, uNdunankulu uthe abamaziyo kangcono uMsholozi bamazi njengendoda eneqiniso, enakekelayo futhi engumholi ozimisele emsebenzini wakhe, ongenza noma yini ukusiza abaswele kunaye.

Ngale kwemibiko yabezindaba ehlulela uMongameli Zuma baningi abangahambisani nalokubekwa kwesithombe esibi sika Mongameli, ngoba bayazi ukuthi akuhambisani nalokhu abamazela kona.

Iningi labantu elimazela emaphephandabeni uMongameli bayamangala ukuthi lomuntu ochazwa kabi kangaka uba kanjani uMongameli wesizwe.

Kanti abamazi kangcono abayilaleli, futhi abayinaki imibiko yabezindaba ngoba bayamazi ukuthi ungumuntu onjani.

# I-Richards Bay Industrial Development Zone iheha abatshali bezimali

**CHOICE SIHIYA NO ZODWA ZIKALALA**

Kuzokhumbuleka ukuthi kulenyanga edlule ngesikhathi kuneKhabhinethi Lekgotla uNdunankulu wesifundazwe u Willies Mchunu kanye no Ngqongqoshe u Sihle Zikalala bagcizelela ukubaluleka kokuthi uhulumeni usebenze kanzima ukudala amathuba emisebenzi.

I-Richards Bay Industrial Development Zone kubhekeke ukuba ihambhe phambili ukudala amathuba emisebenzi ngokuheha abatshali zimali. Phela i-RBIDZ inendawo enkulu yokwakha amafemu ahlukahlukene. Futhi abasebebzi bonke base RBIDZ beholwa yinhloko u Mnuz Pumi Motsoahae basebenza kanzima ukuheha abatshali bezimali. "Kuyasijabulisa ukuthi nohulumeni kazwelonke usebenzisana nathi ukuze sihehe abatshali bezimali.

Angigcizelele ukuthi ubuholi bukamasipala uMhlathuze kanye neKing Cetshwayo busebenzisana nathi ngaso sonke isikhathi," kusho uMotsoahae Kulamaseonto adlule bekunomhlangano omkhulu eCape Town lapho bekuhlangene khona ongoti kanye nosomabhizinisi kwi South African Gas Options Conference. Ithimba lase RIBDZ laliholwa nguZikalala kanye neMeya yakuMaspila uMhlathuze uMduduzi Mhlongo.

"Kuyasijabulisa ukuthi iDepartment of Energy yamemezela ukuthi iRBIDZ izoba yingxenye yokuphehla (ukwenza) iGesi ozoba ngama megawatts angu 2000 ngaphansi kohlelo olwaziwa ngokuthi yiGas to Power," kuchaza u Motsoahae.

Uqhube wathi isikhathi esiningi lapha eNingizimu neAfrika kusetshenziswa amalahle (coal) ukwenza uGesi. Sekube kwaba nezigameko ze load shedding ngenxa yokusweleka kukaGesi. Kodwa uhulumeni usuqhamuka nezinhlelo ezintsha zokwenza uGesi ngokuthi kusetshenziswe iGas. "Kuleminyaka emibili eyedlule kade sikhangisa i-RIBDZ ukuze yaziwe njengendawo engaba yisizinda semboni entsha yokuphehla uGas. Siyajabula ngalempumelelo yethu. I-RIBDZ ikhethwe ngoba isondelene nechweba i-Richards Bay Port.

Okunye okubalulekile ukuthi kulula ukugcina iGas kumathangi azoba semtateni. Lokhu kubeka iRichards Bay ethubeni elihle lokuthi ibe yisizinda esizokwazi ukuphakela iGas iKZN kanye neSouth Africa yonke. Sizokwazi ukuphakela iTheku, iPietermaritzburg, iGauteng sisebenzisa ipayipi elisuka khona eRichards Bay," esho ngokuzethemba. Kulindeleke ukuthi izinkampani eziningi ezikulemboni yeGas zizokwakha ingqalasizinda khona la eRichards Bay. Kuzoba ngamabillion izimali ezizotshalwa lokhu okuzodala amathuba emisebenzi.




*U-Karen Breytenbach omele i-IPP, Pumi Motsoahae u CEO wase RBIDZ kanye Nongqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMnu. Sihle Zikalala*




# UNDUNANKULU UYIHLABE WAYIHLIKIZA INDLELA ABAFUNDI BASEMANYUVESI ABABHIKISHA NGAYO ENKULUMWENI YAKHE ESHARKS BOARD

**NOLWAZI NZUZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu uyihlabe wayihlikiza indlela abafundi basemanyuvesi ababhikisha ngayo emkhankasweni wabo kazwelonke wokufuna imfundo yamahhala.

UNdunankulu ukhulume kanje kade kwethulwa i-KZN Youth International Scholarship and Exchange Programme Kanye ne website yaloluhlelo elisungulwe ihhovisi likaNdunankulu okuwuhlelo lokuqala ngqa kulesiFundazwe.

Lomcimbi ububanjelwe eSharks Board eMhlanga kanti ubuhanjelwe izifundiswa eziqhamuka emanyuvesi ahlukahlukene, abamele i-African Renaissance Trust, abamele amazwe angaphandle Kanye namanxusa jikelele.

Inhloso yaloluhlelo ukuthi lusize abafundi abaphumelele ngamalengiso ezifundweni zabo futhi abaqhamuka emakhaya akhungethwe ububha, ukuze bathole imfundo esezingeni eliphezulu kumanyuvesi aphesheya kwezilwandle Kanye namazwe ase Afrika.

Ihhovisi likaNdunankulu likhokhela zonke izifundo Kanye nendawo yokuhlala kubafundi abathole umfundaze ngaphansi kwaloluhlelo.

"Kungumbono wethu njengoHulumeni wesiFundazwe ukuthi bonke abantu abasha bakhule benempilo futhi bephephile. Okubalulekile kakhulu ukuthi sifuna abantu abasha balesiFundazwe bathole imfundo okubalwa nemfundo yamazinga aphakeme, ukuze sikwazi ukuguqula isimo somnotho emphakathini ngokwenza njalo sizoqeda ububha, nokungabibikho kwemisebenzi Kanye nokungalingani emiphakathini" uNdunankulu ukubeke kwacaca ukuthi yini abayihlosile ngabantu abasha.

Njengoba sethula loluhlelo Kanye nale website kubalulekile ukuthi sikhumbule amazwi kaTata uMandela awakhuluma kwinkulumo yakhe ngosuku lwabantu abasha eZakheni eLadysmith ngonyaka ka1995 lapho akhuluma khona wathi "Lesizukulwane sentsha simi emngceleni ophakathi kwengcindezelo nokuhlukunyezwa Kanye nekusasa eliqhakazile elinokuthula noxolo".

Lamazwi ahlaba esikhonkosini futhi kunesifundo esimqoka esitholakala kulamazwi kaTata ukuthi wayekholelwa kwintsha yaseNingizimu Afrika, futhi akazange ayihlulele noma ayibheke njengomthwalo emphakathini kodwa uTata wayebheka intsha njengefa elibalulekile elizoba nempumelelo nesizwe esingathembela kuyona ukuthi ithuthukise izwe kuqhuba uNdunankulu.

Enkulumweni yakhe uNdunankulu ukugcizelelile ukuthi abafundi basemanyuvesi kuzomele bacabangisise kahle izenzo zabo uma bebhikisha okubalwa ukushisa izakhiwo emanyuvesi, ngoba ukuzwakalisa ulaka labo ngalendlela akusizi ngalutho kunalokho kubuyisela emuva uhlelo lwentuthuko.

UNdunankulu uphinde wakhumbuza abafundi ukuthi uHulumeni usesize abafundi abaningi ngaphansi kohlelo luka-NSFAS futhi usaqhubeka nokusiza kangangokuba usekhuphule imali yalesikwama sezemfundo ngoba kuyacaca ukuthi baningi abasadinga usizo, kanti amazwe amaningi ayamangala ukuthi izwe laseNingizimu Afrika likwenza kanjani lokhu ukuthi likhiphe izigidi ezingaka ngemfundo nje iyodwa.

UNdunankulu uqhube wathi yize imizamo yabo ingenele futhi bayazizwisisa izikhalo zabafundi kodwa nabo abafundi kuzomele bashintshe indlela abacabanga ngayo nendlela ababhikisha ngayo ngoba indlela abacabanga ngayo iyona ezobaphumelelisa iphinde iphumelelise nezwe laseNingizimu Afrika. Esephetha inkulumo yakhe uNdunankulu unxuse abafundi ukuthi bazi kabanzi ngezwe laseNingizimu Afrika nokuthi ubandlululo lalimosha kanjani lelizwe, ngoba uma befuna ukuthi lelizwe liqhubekele phambili.

Ngakho kusemqoka ukuthi bazi ukuthi imvelaphi yalo isuka kuphi nokuthi obabamkhulu babo babamba liphi iqhaza ekukhululweni kwalelizwe nokuthi kungani baqhamuka nesisombululo sokukhulula lelizwe.

> *"Kungumbono wethu njengoHulumeni wesiFundazwe ukuthi bonke abantu abasha bakhule benempilo futhi bephephile."*



*UNdunankulu wesiFundaze saKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu emi nezinye zezikhulu ngesikhathi kwethulwa uhlelo lomfundaze obizwa nge-KZN Youth Scholarship Program .*
***Isithombe:** THEMBA MNTYALI*


KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT



**UHULUMENI WAKWAZULU-NATAL**
**UFISELA UKUBHALA OKUHLE KUBAFUNDI**
**BEBANGA LESHUMI**

"INGANE YAMI EYAKHO,
**INGANE YAKHO EYAMI"**

UHulumeni unxusa zonke izakhamuzi zakwaZulu-Natal ukuba zisekele abafundi abazobe bebhala izivivinyo zika Matric.

Asibumbane sakhe isiFundazwe esinozinzo nesiyisikhondlakhondla kwezomnotho nentuthuko. Imfundo iyona ukhiye ozosiyisa empumelelweni.

**"Ingane Yami eYakho, Ingane Yakho eYami"**

www.kznonline.gov.za

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving **KZN Vision 2035**

KZN Provincial Communications_2016

# UZIKALALA USAYINDE ISIVUMELWANO SIKA R1.3 BILLION

Okusithokozisa kakhulu thina njengohulumeni waKwaZulu-Natal ukuthi ngale nje kokuthuthuka komnotho kanjalo nokudaleka kwamathuba emsebenzi

**SIYABONGA MAPHUMULO**




*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala kwingqungquthela ye-Bricks*

Kuzodaleka indathane yamathuba emsebenzi evile emakhulwini amathathu KwaZulu-Natali kulandela ukusayindwa kwesivumelwa esizoletha isikhondlakhondla senkampani kulesisifundazwe.

Lokhu kudalulwe uNgqongqoshe obhekele ezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMnuz. Sihle Zikalala nobekade ehambele kwelaseNdiya muva nje ukuyonxenxa abatshali zimali ukuba beze KwaZulu-Natali.

Nempela ungqongqoshe uZikalala akahambanga olukamabuyaze njengoba ekwazile ukuvumelana waphinde wasayinda isivumelwano sokuzibophezela nenkampani eyisikhondlakhondla yokukhiqizwa kwemithi elwa nezifo ezibucayi ezifana nomdlavuza iCipla Biotec sokuba izosungula imboni entsha eDube Trade Port eThekwini.

Lokhu kwenzeke ngesonto elidlule esifundazweni sase-Goa khona eNdiya nokuyilapho noMengameli wezwe umhlonishwa uJacob Zuma ebeyomela khona izwe laseNingizimu Africa kwingqungquthela yamazwe amahlanu athuthuka ngesivinini emhlabeni eBRICS nokuyiBrazil, Russia, India, iChina kanye nathi iNingizimu Afrika.

Ephawula ngohambo lwakhe uZikalala uthe ithimba laKwaZulu-Natali laphinde labamba iqhaza emhlanganweni nezithunywa zosomabhizinisi nabatshali zimali ezazivela emazweni eBRICS nokuyilapho okwakuqiniswa khona amaxhama okusebenzisana njengamadlela ndawonye kwiBRICS. "Thina lapha KwaZulu-Natali sinohlelo olubizwa ngamaSpecial Economic Zones ezindaweni ezifana neDube Trade Port kanye neRichards Bay Industrial Development Zone nokuchaza ukuthi kumele ngaso sonke isikhathi sinxenxe osomabhizinisi ukuthi beze phela bazovula izimboni kulezizindawo zethu. Singabika-ke ukuthi asihambanga uhambo lamabuyaze laphaya eNdiya ngoba sikwazile ukuthi sisayinde isivumelwano sika R1.3 billion nenkampani egxile ekukhiqizweni kwamakhambi ebizwa ngokuthi iCipla BioTec.

Kanti-ke lenkampani ikomkhulu layo eliseNdiya isizoba nophiko laphaya eDube Trade Port nokuyinto echaza ukuvuleka kwamathuba emsebenzi kanjalo nokuthuthuka komnotho esifundazweni sethu kanye nezwe lonke nje jikelele," kulandisa uNgqongqoshe.

Lesivumelwano sisho ukuthi iKwaZulu-Natal isizoba isifundazwe sokuqala ngqa ezweni lonke ukuba isizinda semboni egxile ekukhiqizeni kwemishanguzo engambi eqolo yokwelapha nokulawula izifo ezibucayi ezifana nomdlavuza.

Kanti-ke lokhu kuzophinde futhi kusize izwekazi lonke lase-Afrika kwazise eminye yalemikhiqizo siyobe sesiyithumela nakwamanye amazwe. Lesi sivumelwano balaleli emakhaya sisisayindele emahhovisi kwelomkhulu lase-CiplaBiotec laphaya eNdiya.

"Okusithokozisa kakhulu thina njengohulumeni waKwaZulu-Natal ukuthi ngale nje kokuthuthuka komnotho kanjalo nokudaleka kwamathuba emsebenzi, lolutshalo mali lusho ukuthi manje intsha yethu ikakhulukazi isizokwazi ukukleza kogwansile ngokuzithuthukisa amakhono emkhakheni weBiomedical technology nokuyinto entsha kakhulu lapho esifundazweni sethu," kuqhuba uZikalala.

Ukwakhiwa kwalemboni kuzoqala ngasekuqaleni konyaka ozayo ka-2017 bese ukusebenza kwayo kuqale maphakathi nonyaka ka-2018 kanti silindele ukuthi kudaleke amathuba emsebenzi engamakhulu amathuthu, ikakhulukazi emkhakheni ethathwa ngengedinga kakhulu amakhono ezobunjiniyela kanjalo neBiological Science.

## Isasasa embukisweni wezokukhiqiza

**SIYABONGA MAPHUMULO**

Ukhula ngesivinini umbukiso wezokukhiqiza owaziwa okuhloswe ngawo ukuvulela izimboni zaKwaZulu-Natali amathuba okuba zihwebe namanye amazwe kwizwekazi lase-Africa kanye nasemhlabeni jikelele.

Lo mbukiso owaziwa ngokuthi IKZN Export Week ubanjwa njalo ngonyaka kanti uhlelwa uphiko olubhekele ukuhehwa kotshalo mali esifundazweni iTrade and Investment KwaZulu-Natal.

Ethula inkulumo kumbukiso wakulonyaka nobuhanjelwe izithunywa ezevile ku 600 ebezivela emazweni ehlukene afana neZimbabwe, Angola, Zambia, Ghana, China kanye neMelika, uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala uthe kubalukile ukuthi iKwaZulu-Natali kanye neNingizimu Afrika yonke nje iqikelele ukuthi umnotho wayo uyakhula ngokuthi ihwebelane namanye amazwe ngemikhiqizo yayo. "Kuyiqiniso ukuthi umnotho wanoma iliphi izwe emhlabeni usimama kuphela uma likwazi ukukhiqiza izimpahla bese lizithumela ngaphandle ukuba zithengwe amanye amazwe, nathi-ke njengesifundazwe sikubone kubalulekile ukuthi sibambe ngesandla ikakhulukazi osomabhizinisi bethu abasakhula ukuze nabo bakwazi ukukleza kogwansile ngokuthumela izimpahla zabo besheya kwezilwandle."

UZikalala uqhube wathi ngokunikezwa amathuba, izinkampani ezizinze lapha KwaZulu-Natali ziyokwazi ukuthi ziziveze zaziwe nakwamanye amazwe kanjalo nemikhiqizo yazo idayiswe kakhulu. "Uma sikhuluma ngokuguqula isimo somnotho wethu ukuze uhlomulise labo ababencishwe amathuba enkathini edlule, ikakhulukazi intsha nabesimame, sisuke phela sisho kona ukuthi asiphinde futhi sibavulele amathuba okuthi baxhumane nezimakethe zomhlaba ukuze nabo bakwazi ukuhweba ngqo nezimakethe ebezenganyelwe ikakhulu ongxiwankulu enkathini ephambili," esho eqhuba.

Lo mbukiso owathatha izinsuku ezine kwakuhloswe ngawo ikakhulukazi ukuxhumanisa osomabhizinisi abasafufusa nezimboni ezintsha, ukubasiza baxhumane nabanye osomabhizinisi kanjalo nokuthi nabo osomabhizinisi abasakhula bakwazi ukufunda kwasebenamava kulomkhakha ngezinye zezinselelo asebeke bahlangabezana nazo ekuhwebeni esigabeni somhlaba.



"**Thina** lapha KwaZulu-Natali sinohlelo olubizwa ngamaSpecial Economic Zones ezindaweni ezifana neDube Trade Port kanye neRichards Bay Industrial Development Zone"

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, kanye noDokotela Mahaye, ovela eMnyangweni wezeMfundo, ngesikhathi benikezela ngemifaniswano Kanye nezinye izinsiza kubafundi.*

# BAHLOMULE NGOMFANISWANO ABAFUNDI ABANGU-24 000 EMKHANKASWENI i#SIBAHLESYAZETHEMBA

■ Sibonga kakhulu kothisha abafundisa abantwana ngoba besingeke sazi ukuthi kunabafundi abathwele kanzima njengoba bezibonile izimo zabo base beyasithinta.

**MINENHLE MNCWANGO**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni sakwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, wethule ngokusemthethweni umkhankaso obizwa nge #SIBAHLESYAZETHEMBA obhekelela abafundi abaphuma emakhaya ahlwempu ukuze babuyelwe yisithunzi kanye nokuzethemba. Lokhu kwenzeke endaweni yaseMzinto lapho bekuhlanganelwe enkundleni yezemidlalo, eMalangeni Sports Ground, kumasipala uMdoni, ongaphansi kwesiFunda uGu.

Abafundi bahlomuliswe ngemifaniswano yesikole, okubalwa ijezi, iziketi ezimbili kwabesifazane, abesilisa kube amabhulukwe amabili, amashethi amathathu, amasokisi, ibhantshi uma leso sikole siwasebenzisa, isudi yokuzivocavoca uma isikole siyisebenzisa, kanye nama-vest amathathu. Ngenxa yokuthi babuye balove esikoleni ngoba besuke besweleizinto abazozisebenzisa uma besesikhathini, uMnyango unikeze abafundi besifazane amaphakethe angu-12 abazowasebenzisa unyaka wonke kanye nezinto zokugeza kubona bonke abesilisa nabesifazane. Laba bafundi baphinde bathola nokudla okungadliwa inyanga yonke umndeni ngamunye, kanti lokhu kuzokwenzeka izinyanga ezintathu, kuthi abazali uMnyango ubacobelele ngolwazi lokuthi bangenza njani ukuze bakwazi ukuzimela. Ethula inkulumo yakhe kulomcimbi, uNgqongqoshe uThusi ubonge kakhulu iqhaza elibanjwe othisha, okuyibona abahlonze izingane ezidinga kakhulu usizo.

Uthe: "Sibonga kakhulu kothisha abafundisa abantwana ngoba besingeke sazi ukuthi kunabafundi abathwele kanzima njengoba bezibonile izimo zabo base beyasithinta. "Inhloso kahulumeni ukuba kungabi bikho umfundi ozozithola engasakwazi ukuqhubeka nezifundo zakhe ngenxa yokweswela umfaniswano osesimweni esifanele.

Sinxusa abazali ukuba balekelele othisha ukuqinisekisa ukuba abantwana bayazimisela ezifundweni zabo ngoba uhulumeni imfundo uyibeke eqhulwini," kusho uNgqongqoshe uThusi.

Isimo sabafundi abahlwempu sivezwe uhlelo oludidiyela yonke imiNyango olusingethwe yihhovisi likaNdunankulu wesiFundazwe, olwaziwa ngo-Operation Sukuma Sakhe. Lolu hlelo lubhekelele imiphakathi ukuthi iluthola ngendlela yini usizo kuhulumeni njengoba kade kune-Public Service Week, kwazise inyanga kaMfumfu eyoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi. UNgqongqoshe uThusi ubevele esewuqalile lomkhankaso wokubonelela abafundi abaphuma emakhaya ahlwempu njengoba esanda kuhlomulisa abafundi ababalelwa ku-128 endaweni yaseMlazi, eNingizimu yeTheku nakwezinye izindawo. Sebebonke abafundi abazohlomula kulomkhankaso bangu-24 000, baqhamuka ezikoleni ezibalelwa ku-1 200 esiFundazweni sonkana.

Kulomcimbi kuhlomule abafundi abangu-500 abakhele umkhandlu waseMdoni kanye nowaseMzumbe. Lomkhankaso usazoqhubeka emikhandlwini yonke kulesi siFundazwe ngaphansi koNgqongqoshe abangama-Champion beziFunda ezahlukahlukene ngokohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe.

Omunye wabazali onengane ethole ukuxhaswa kulomkhankaso, uNkosikazi Zinhle Jeza, ongumama kaNkosazana Nompumelelo Jeza, ofunda eZibonele High School, uthe:

"Ngizizwa ngijabule kakhulu njengoba umtanami ebephelelwa ukuzethemba. Ubeke ehambe engadlile futhi nenyumfomu abeyigqoka beyingasakulungele ukugqokwa, kwazise angisebenzi.

"Ngibonga kakhulu kuhulumeni ngokusicabangela ngalomkhankaso, sithi uhulumeni akaqhubeke nokubhekelela abampofu," kusho uNkosikazi Jeza. Lapha uNgqongqoshe uThusi ubehambisana nobuholi bendawo obebumelwe iNkosi yeSizwe sakwaShozi, iPhini leMeya yomkhandlu wesiFunda uGu, uKhansela Mondli Chiliza, uMeya waseMdoni, uKhansela Thabani Dube, iPhini leMeya yaseMdoni, uKhansela Sibongile Khathi, uMeya waseMzumbe, uKhansela S. Ngcobo, uSomlomo, uKhansela Matho Shozi, iPhini leMeya yaseMzumbe, uKhansela Londolo Zungu, kanye nawo wonke amakhansela alemikhandlu.

Bekukhona noDokotela Mahaye, obevela eMnyangweni wezeMfundo, emele uNgqongqoshe uMthandeni Dlungwane, iNhloko yoMnyango wezokuThuthukiswa, koMphakathi, uNkosazana Nokuthula Khanyile, nabasebenzi boMnyango.



*Zehluleke ngisho nawukuzibamba izingane zesikole ngesikhathi uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, enikezela ngemifaniswano kanye nezinye izinsiza.*



**"Inhloso kahulumeni ukuba kungabi bikho umfundi ozozithola engasakwazi ukuqhubeka nezifundo zakhe ngenxa yokweswela umfaniswano osesimweni esifanele."**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# UKWETHWESWA IZIQU KWABAHLENGIKAZI KUSIMAMISA EZEMPILO ESIFUNDAZWENI

Ukwethweswa iziqu kwabahlengikazi abawu-1501 KwaZulu-Natali kuzoliththukisa kakhulu izinga lokuhlinzekwa komphakathi ngezinsiza zezempilo.

Lokhu kushiwo wuNgqongqoshe wezeMpilo uDr Sibongiseni Dhlomo, emcimbini wokwethweswa ngeziqu zezemfundo kwabahlengikazi okuthathe izinsuku ezintathu eRoyal Agricultural Showgrounds eMgungundlovu.

Phakathi kwabo kubalwa abangu-280 abaqeqeshwe ezifundweni ezinjenge-Advanced Midwifery, Orthopaedic Nursing Science, Operating Theatre Technique, Critical Care Nursing, Child Care Nursing Science, Ophthalmic Nursing, Psychiatric Nursing ne-Basic Midwifery.

Kulabahlengikazi abaphumelele:

- Abangu-19 bafundele i-Ophthalmic Nursing, okusho ukuthi sebejoyine abangu-14 abaqeda ngo-2014 nabangu-6 abango-2015. Bazodlala indima ebalulekile ekuthuthukiseni umsebenzi wokunakekela kwamehlo abantu kulesi sifundazwe;
- Abangu-59 bafundele i-Advanced Midwifery ne-Neonatal Care; kanti bona bajoyina abangu-61 abaqede ngo-2014.
- Abangu-41 be-Orthopaedics Nursing Science, bona balandela abangu-48 abaqede ngonyaka odlule; nabangu-41 abango-2014. Bazoyiswa ezifundeni ezahlukahlukene okuzonciphisa izinga labantu abaya ezibhedlela.

Abanye abahlengikazi abangu-62 baphumelele kwi-Critical Care; abawu-45 kwi-Operating Theatre nabawu-54 kwi-Child Health.

Phakathi kwabafundi bekuphinde kube khona abanye abahlengikazi abaphuma ezigabeni ezingu-11 zezimpilo, okuyi-Professional Nursing course; i-Diploma programme; i-Professional Nurses ye-Bridging course yeminyaka emibili; o-Enrolled nurses; Nursing Auxiliary; Basic Midwives; Psychiatric nurses ne-Primary Health Care nurses.

Laba abokugcina bazosiza uMnyango ekusatshalalisweni kwe-National Health Insurance plan.

Ekhuluma kulo mcimbi uDkt Sibongiseni Dhlomo unxuse abahlengikazi ukuthi bahloniphe umsebenzi wabo, basebenze ngokuzithoba futhi baqhubeke ngokuthuthukisa izimpilo zabo ngokufunda impilo yabo yonke.

"Qhubekani nibe nesineke nothando lweziguli njengoba nenza isithembiso kwi-Nurses Pledge, nathi 'Impilo yeziguli ngizoyibeka phambili.'" U-Dkt Dhlomo uhalalisele abafundi abathweswe iziqu waphinde wancoma ngokukhethekile abathathu abathole imiphumela ephezulu kunabo bonke ekolishi i-KwaZulu-Natal College of Nursing.



*Umphathi we-KZN College of Nursing uDr Sindi Mthembu no Ngqongqoshe uDkt Sibongiseni Dhlomo nabahlengikazi abaphase ngamalengiso, o-Nontobeko Portia Ncube owase- Ngwelezane Campus; uNompumelelo Goodness Phakathi owase- R.K.Khan Campus, kanye no Zwakele Phinokuhle Ngubane owase-Benedictine Campus.*

Baphumelele ngamalengiso iminyaka emine ilandelana kuma-diploma abo. Labo ngu-Nontobeko Portia Ncube owase- Ngwelezane Campus; uNompumelelo Goodness Phakathi owase-R.K.Khan Campus, kanye no Zwakele Phinokuhle Ngubane owase-Benedictine Campus.

UDkt Dhlomo uthe i-KwaZulu-Natal kumele yenze kangcono ekulweni nezifo kunezinye izifundazwe ngoba inezinga eliphezulu lesandulela ngculazi, ingculazi nesifo sofuba (TB); ukufa komama nezingane, futhi nokwanda kwezifo ezingathelelani kanye nodlame nezingozi.

Uthe kudingeka abahlengikazi babambe iqhaza elikhulu kulokhu.

"Kusemahlombe enu ukuthi nenze isiqiniseko ukuthi lelizwe liyazifeza izinqumo, okubalwa kuzo ukuthi kumele:

- Abantu baphile kahle, isikhathi eside;
- Kunciphe inani lokushona komama nabantwana;
- Silwe nengculazi sehlise nezinga lesifo sofuba;
- Kuthuthukiswe isimo sezeMpilo emphakathini jikelele; futhi
- Kuncishiswe izifo ezingathelelani

"Njengabahlengikazi abaphelele kulineleke ukuthi nibe nomthelela omuhle ekuphileni kwabantu bakuleli."

Uthe lokhu kungenzeka njengoba i-KwaZulu-Natal ivele isinabo ubufakazi begalelo labahlengikazi ngenxa yempumelelo yohlelo lokuhlinzeka kweziguli ngemishanguzo yokulwa nesandulela sesifo sengculazi, okuyi-Nurse-Initiated Management of Anti-Retroviral Treatment (NIMART).

Uthe ngaphandle kwabahlengikazi uMnyango ubungeke ukwazi ukunciphisa inani lomama abathelele abantwana babo ngesandulela-ngculazi kusukela ku-22% ngo-2008 ukuya ku-1.2% njengamanje; kanye nokuba neziguli ezingaphezu kuka-1, 3 million ezidla imishanguzo.


# Amawele ahlangene athola usizo oluseqophelweni eliphezulu – Dkt Sibongiseni Dhlomo

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt Sibongiseni Dhlomo usezwakalise ukwethemba izinga lokunakekelwa kwamawele ahlangene asoPhongolo, enyakatho nesifundazwe, asagcinwe esibhedlela sikaHulumeni, Inkosi Albert Central Luthuli Central Hospital.

Lamantombazane, ahlangane esifubeni nasesiswini, abelethelwa kubo oPhongolo, enyakatho nesifundazwe, ngoMgqibelo, mhla ziwu 08 October 2016. Unina, oneminyaka ewu-31, wavuma ukuthi waya kanye kuphela ukuyoxukuza emtholampilo ngesikhathi esanda kuthola ukuthi ukhulelwe. Akaphindanga wabuyela. UDkt Dhlomo uzifikele mathupha egunjini lesibhedlela sabantwana abagula kakhulu ezobona lamawele, wafike waxoxa nonina kanye nodokotela wabantwana uDkt Harshavadan Ratilal "HR" Mackanjee. Emva kwalokhu uDkt Dhlomo uthe: "Okuzokwenzeka kulezi zingane kuyobe kuyintando yoMdali. Lana, esibhedlela iNkosi Albert bazothola usizo eqenjini lochwepheshe bodokotela, esingabala kubo labo ababhekene nokugula kwezingane, abahlinzayo, ababhekene nezifo zenhliziyo kanye nabezinye izicubu zomzimba zangaphakathi."

UDkt Dhlomo uthe utshelwe wuDkt Mackanjee ukuthi womabili amawele ahleli kahle, ayaziphefumulela futhi asafunzwa kahle ngamapayipi. Uthe kutholakale ukuthi noma zikhona izitho zomzimba izingane ezizisebenzisa zombili, njengesibindi, ezinye ezibalulekile njengenhliziyo namaphaphu azihlangene, okwehlisa kancane izinga lokuba bucayi kwesimo sazo.

"Okwamanje odokotela basabhunga ngokuthi bazokwenzenjani ngalezi zingane. Bachaze ukuthi bafuna zithi ukukhulakhula okungenani zibe nezinyanga ezingu-6 kuqala phambi kokuthi baqale ukuzihlinza – uma kuzogcina kuthathwe leso sinqumo." Uphinde wagcizelela ukuthi noma isiphi isinqumo esizothathwa wodokotela, bazobe bebambisene nomndeni ukuze kwenziwe nokuthandwa yiwo. UDkt Dhlomo uthe ukube lamawele abenakekelwa esibhedlela esizimele, bekuzobiza izigidi zemali. Ingakho lubalulekile uhlelo lwe-National Health Insurance, okuhloswe ngalo ukuqinisekisa ukuthi izinsiza zezempilo zivuleleka kuwonke wonke, ngaphandle kokubheka iphakethe lomuntu.



*UDkt Sibongiseni Dhlomo noDkt Harshavadan Ratilal "HR" Mackanjee bephambi kwamawele asoPhongolo*

"Umndeni ubungeke ukwazi ukuzimela izindleko zalo msebenzi wokulenga laba bantwana ukube bebesesibhedlela esizimele. Kodwa njengoba belapha bazothola usizo ngaphandle kokuthi kulimale iphakethe labazali." Uncome abendiza enophephela emhlane yoMnyango wezeMpilo ngokutakula laba bantwana esibhedlela Itshelejuba babayise kwesase - Inkosi Albert Luthuli Central Hospital. Ube esefisela lamawele okuhle kodwa, wagcizelela futhi ukuthi omama abakhulelwe esifundazweni abaqale ukunakekela abantwana babo besasezwisini ngokuvakashela imitholampilo eseduzane nabo ukuze kushesha kubonakale uma kunenkinga ukuze isheshe ixazululeke.



**"Njengabahlengikazi abaphelele kulineleke ukuthi nibe nomthelela omuhle ekuphileni kwabantu bakuleli"**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# ABAFUNDI BASAYINDE UMGOMO WOKUZIBOPHEZELA

**NOMPUMELELO GASA**



*Abahlonishwa kanye nabafundi befunda umgomo wokuzibophezela ekuziphatheni ngesikhathi sezivivinyo.*

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sibakhathalele bonke abafundi besiFundazwe, ikakhulukazi labo abenza ibanga leshumi.

Lokhu kugqame bha ngesikhathi uNdunankulu, uMnuz Willies Mchunu, uMphathiswa wezeMfundo, uMthandeni Dlungwane, izikhulu zoMnyango, othisha, abafundi, abazali, izinyunyana zothisha, kanye nazo zonke izinhlaka ezidlala indima ebalulekile eMnyangweni, bahlanganyele Ohlange High School, mhlaka 13 October 2016 ngenhloso yokuseka abafundi abenza ibanga leshumi nokusayindwa komgomo wokuzibophezela ekuziphatheni kahle ngesikhathi sokubhalwa kwezivivinyo. Lomcimbi obuyingqayizivele nowenze abafundi bazizwa bebalulekile uqale ngokuthi abafundi benze isivumelwano ngokuthi bazibophezele ekubhaleni ngokuthembeka izivivinyo zabo, bazinikele ngokusemandleni ukubhekana ngqo nezifundo zabo ngalesisikhathi esibucayi, balekelelane nabanye abafundi ukuze nalabo abangenzi kahle bathole ukusizakala kozakwabo, bayilandele futhi bayihloniphe yonke imithetho ebekiwe, bangenzi ukukhohlakala okuholela ekutheni bakopele nokusebenzisa izinsiza kufunda azingadingeki egumbini lokuhlolwa, bangazibandakanyi ekubhaleleni abanye abafundi noma babalekelele ngandlela thize egumbini lokuhlolwa, baphinde babike labo abangahambisi kahle egumbini lokuhlolwa.

Ekhuluma kulomcimbi uMphathiswa uDlungwane ukujabulele ukuba yingxenye yalomcimbi ngezinsuku zokugcina lapho sebeshayela isipikili sokugcina kubafundi abenza ibanga leshumi. UMphathiswa ukhumbuze abafundi ukuthi kusele izinsuku ezilishumi nje vo ukuthi kuqalwe izivivinyo zebanga leshumi. “Ibanga leshumi liyisigaba esibalulekile empilweni, yingakho sidela konke ukuqinisekisa ukuthi abafundi bamatikuletsheni banakekelwa ngendlela futhi akukho okuphazamisa ukufunda nokufundisa. Ingakho sidele konke ngisho noNdunankulu uthe ngalesisikhathi uyafisa ukunikhombisa ukuthi nibalulekile futhi uyaniseka ngalesi sikhathi, “ kubeka uDlungwane.

UDlungwane uqhube inkulumo yakhe ngokugqugquzela abafundi ukuthi baziqhelelelanise nokwenza izinto ezingahlangene nezifundo zabo kulesisikhathi. “Akusekho ukubuyela emuva, ngakho bhukulani okokugcina niqinisekise ukuthi niyaziqhelelanise nezimo ezizoniphazamisa ezifundweni okubalwa izinkundla zokuxhumana ngoba zingezinye zezinto eziba yisiphazamiso kakhulu.

Asisekho isikhathi esingasichitha manje, kumele lesi sikhathi esisele nisisebenzise ngobuhlakani ukuzithuthukisa lapho kuntenga khona,” kuqhuba uDlungwane.

UDlungwane ugqugquzele abafundi ukuthi baqhubeke nokuhlonipha othisha futhi basebenzise lesi sikhathi ukubuza lapho bengacacelwa khona ezifundweni zabo. Uphinde wakucacisa ukuthi isiFundazwe no Mnyango unethemba elikhulu kubo bonke abafundi abazobhala, ingakho wenze ngokusemandleni ukuthi uza nazo zonke izinhlelo obubona zizoba usizo ukulekelela abafundi bamatikuletsheni.

“Yize silindele ukuthi nenze kahle, siyaninxusa ukuthi ningazifaki ingcindezi ngesikhathi sokuhlolwa futhi nangaleso sikhathi sokuphuma kwemiphumela, izigameko ezenzeka emuva kokuphuma kwemiphumela ayisiphathi kahle,” kuqhuba uDlungwane. UMphathiswa ubuye wanxusa kakhulu abazali ukuthi babaseke kakhulu abafundi bebanga leshumi. “Lesi yisikhathi esifushane kakhulu, ngiyanxusa bazali ukuthi nibaseke abantwana kulesi sikhathi, nibaxegisele nasemisebenzini yasekhaya, nibanakekele ngayo yonke indlela futhi nigculiseke ukuthi bathola isikhathi esanele sokuphumula, kuphetha uMphathiswa.

UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal, uMnuz uWillies Mchunu obeyingxenye yalomcimbi, unxuse abafundi ukuthi basebenze ngokuzikhandla ngalesi sikhathi esibalulekile sezivivinyo.

Ube esebagqugquzela ngokubaluleka kobuqotho uma bebhala izivivinyo zabo. “Ngakho konke lokhu esikushoyo, nalokhu esikwenzayo, asiqondile ukunifaka ingcindezi kepha sikhombisa ukunikhathalela futhi sifuna niphumelele nibe nekusasa eliqhakazile. Nakuba sifisa ukuthi nonke niphumelele, kodwa uma kwenzeka nikhubeka ningaphumeleli, kumele nazi ukuthi akusikho ukuphela komhlaba. Uma nikhubekile, kuyomele nivuke nizithathe, nathi siyoqhubeka nokuneseka,” kubeka uNdunankulu. uTizozo, ongumculu odumile waseThekwini, naye ugqugquzele abafundi ukuthi bayeke ukuthanda izinto ezingabuyiseli, bazithibe ukuze ikusasa labo kube ngeliqhakazile.

“Akubalulekile ukuthi imali kini injani – okubalulekile ukuthi imaki lakho ezifundweni zakho linjani,” kubeka uTizozo.

# Uvo lwabantu bakwamthandi ngesabelo mali sesiFundazwe

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa KwaZulu-Natal ubuye imigodla yawo ichichima emva kokupathiswa izimvo zomphakathi yzakhamizi esigodini kwaMthandi kuMasipala i-Alfred Duma eMnambithi kuleli viki. Izakhamizi zincomile ukuthi intuthuko ziyibona ngamehlo njengoba kusanda kwakhiwa ihholo elikhulukazi iKwaMthandi Community Hall kanye nomgwaqo oxhumanisa le ndawo kanye nomgwaqo omkhulu obheke elokishini laseZakheni kanye nasedolobheni eMnambithi.

Umnyango ubuhambele lendawo ngaphansi komkhankaso wawo wokuqoqa izimvo zabantu ngesabelomali sesifundazwe. Abantu baziswa yiziphathimandla zomnyango ngomumo wesabelomali bese nabo babeke izimvo zabo ukuze uhulumeni akwazi ukuhlinzeka izidingo zabantu. Lo mkhankaso ugqugquzela amalunga omphakathi ukuthi abe yingxenye yokwabiwa kwezimali zakulesi fundazwe. Imibono yamalunga omphakathi izocutshungulwa futhi isetshenziswe uma sekwenziwa isabelomali sesifundwazwe esizothulwa ngo Mashi 2017.

Abahlali babe sebesukuma ngezingqinamba ezahlukene ababhekene nazo endaweni abahlala kuyo ngenhloso yokuthi babhekeleleke uma umnyango usuthula isabelomali sesifundazwe sika 2017/18. USimangele Mbatha oneminyaka engama 64, ukhale ngokuthi abanaso isikole samabanga aphakeme kulo mphakathi ahlala kuwo, okubanga ukuthi bakhokhe izimali ezishisiwe ukuze izingane zabo zikwazi ukufinyelela kwamanye amadolobha kanye nama wadi anezikole zomabanga aphakeme.

“Sisadinga uxhaso olukhulu kuHulumeni. Izinkulisa esinazo azikho esimweni esigculisayo futhi azibhalisiwe ngaphansi koMnyango wenzeNhlalakahle, ngakho-ke sidinga uxhaso ekwakheni izinkulisa ezingcono ziphinde zibhaliswe,” kusho uNkk. Mbatha. Ezinye izingqinamba ezivelile kubalwa kuzo ukushoda kwezindlu zemixhaso, izikhungo zokuthuthukisa amakhono, izimpawu zemigwaqo, imfuyo ebulawa izimoto emigaqweni kanye nokushoda kwamathuba emisebenzi. USekela Meya wakuMasipala i-Alfred Duma, uThulile Hadebe, uthe bazi kahle kamhlophe ukuthi kunabantu abangakayitholi imixhaso, wase eseyaqinisekisa ukuthi lolu hlelo lokwakhiwa kwezindlu luyaqhubeka alimile, enxenxa abahlali ukuba mababekezele.

“Sisebenza phezu kokuhlinzeka intuthuko lapha endaweni KwaMthandi. Okwamanje siphezu kohlelo lokwakhiwa komugwaqo obalelwa ku-R100 million. Sesakhe ihholo elikhulu likanokusho, kuningi esisezinhlelweni zako ekuqinisekiseni ukuthuthukisa lo mphakathi,” kusho uHadebe.



*USimangele Mbatha ubeka izimvo zakhe ngesabelomali ngesikhathi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uhambele indawo yakwaMthandi eMnambithi.*

Ekhulumela uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa, uMnuz. Sibonelo Mazibuko, ongungoti wokucuthsungulwa kwesabelomali KwaZulu-Natal, uwuhalaliselile lo mkhankaso, wathi lolu hlelo luzoguqula izimpilo zabantu abaningi. “Lo mkhankaso usuhambele ezindaweni ezihluene esifundazwe, okubalwa kuzo iHammarsdale, naseZingolweni. Manje sesi lapha eMnambithi futhi sizoqhubekela nakwezinye izindawo esifundazweni sonke.

"Inhloso kahulumeni ukuxhumana nabantu uqobo lwabo ukuze sizwe uvo lwabo ngesabelomali sesifundazwe nokuthi yini abadinga ukuyibona kuso, ekwenzeni izimpilo zabo zibe ngcono,” kusho uMazibuko.



*UMnuz. Sbonelo Mazibuko uchazela umphakathi ngesabelomali sesifundazwe ngesikhathi uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa usemkhankasweni wokuqoqa izimvo zomphakathi eMnambithi.*




**Sifisela bonke abafundi, ikakhulukazi labo ababhala ibanga leshumi, okuhle kodwa kwizivivinyo zabo.**

**...Championing Quality Education - Creating and Securing a Brighter Future**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane

# INSELELO ENKULU KUMAKHANSELA AMASHA

**VERNON MCHUNU**




*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube ethula inkulumo*

Ngenxa yokuthi amakhansela yiwona akhethwe ngabantu ukuba asebenzele ukuletha intuthuko, kubalulekile ukuba abe ngongoti mayelana nokusebenza kohulumeni basekhaya. Lesi yiseluleko esesikhishwe nguNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, nesibhekiswe emakhanseleni amasha kulandela ukhetho lwakamumva lohulumeni basekhaya. Khonamanjalo, uDube-Ncube ubuye waveza nokuthi kulegemu sekuzoqina kakhulu ukuxhumana phakathi kwamakhansela kanye nezikhulu emnyangweni wakhe, ukuze kubanjiswane ekunikezeni amakhansela ngolwazi olunzulu mayelana nokuphathwa kanye nokuba yiso kwamakhansela emsebenzini womasipala.

UNgqongqoshe ubekhuluma ngesikhathi enesithangami esikhethekile namakhansela amasha komasipala esifundazweni, nebesihleli eThekwini kuyona ephezulu.

"Uma nina (makhansela) ningenalo ulwazi olujulile ngalokho enimelwe wukukuqapha ekusebenzeni kwalabo abaqashiwe komasipala, lokho kunganilengisela eweni lokuthi nigcine nivele nilandela nje noma yini izikhulu ezinitshela khona, ningabe nisakwazi nokubona ukuthi 'cha phela lokhu akuhambisani nesikuthembise abantu'," kuchaza uDube-Ncube.

"Lokho-ke kuyoba yingozi ngoba yinina abavoti abanibeke ezikhundleni njengezandla, amehlo kanye nezinyawo zikahulumeni," kuqhuba umphathiswa, nobe esethasisela ngokuthi umsebenzi wekhansela ubucayi ngokuthi uma kukuhle kubhekwa lona, kanti futhi uma konakele kusolwa ikhansela.

"Ngakho nimelwe wukuba nolwazi olujule kakhulu mayelana nokuthi yikuphi enimelwe wukukubheka uma kuqhutshwa umsebenzi womasipala."

UNgqongqoshe ukusho lokhu nje, kakade uphezu komsebenzi omkhulu wokuba kuqiniswe ukuthekelisana ngolwazi emakhanseleni ngabenhlangano ephethe omasipala, iSouth African Local Government Association (Salga) kanye nawo umnyango wakhe, uCogta, ngamafuphi. "Yize uSalga kanye nathi emnyangweni sinenselelo yokuba sideze siniklezisa ngolwazi mayelana nomsebenzi womasipala njengoba nje sihlangene nani namuhla, kepha nani ngokwenu nimelwe wukuzihlupha ngokuzicijisa ngolwazi; nifunde izincwajana zemithetho yokusebenza komasipala, yimibiko ngokusetshenziswa kwezimali, yimibiko ngokuqhubeka kwamaphrojekthi, yimibiko ngokuhlelwa komsebenzi kamasipala (Annual Performance Plan nama Annual Report), njll. Uma kukhona lapho nixakeka khona, thina njengomnyango uCogta, sikhona ukuba selekelele nochwepheshe bethu," kucacisa uDube-Ncube. "Kumele uma kuzohlangana amakomidi alumbanise iminyango yokusebenza ehlukahlukene komasipala, niyithole imibiko ehambisana nohlu lwezinto ezizodingidwa emhlanganweni (agenda), bese leyomibiko niyifundisisa ngaphambi kokufika kosuku lomhlangano.

Ningavumi ukuba lemibiko niyithole ngosuku lomhlangano ukuze nikwazi ukuba nethuba elanele lokulandela okubhalwe kuyona. Bese kuthi ngosuku lomhlangano, ningenqeni ukubuzisisa futhi nithole izimpendulo, ngoba abantu babheke nina, hhayi oMunicipal Manager no CFO njalo-njalo."



Ezinye zezithangami umnyango uCogta esifundazweni azama ukuthuthukisa ulwazi lwamakhansela, yilezi:

- Women councilor dialogue (lapha ungqongqoshe uhlangana namakhansela esifazane ngenhloso yokuwasiza ukubhekana nezinselelo zekhansela kanye nezinselelo ezikuthinta uma ungowesimame emsebenzini;
- Councillor orientation workshop (lapha kufundiswa ikhansela ngokuthi kuyini ukuba yikhansela empeleni);
- Kuphinde kube nama workshop aholwa ngumnyango ezifundeni ezahlukahlukene, lapho khona kudingidwa izinselelo ezithinta omasipala abakulesosifunda;
- Ama – Munimec (lapha uNgqongqoshe uhlangana nomenenja, izimeya kanye nabaphathizikhwama bomasipala abahlukahlukene, kusetshezwe izinselelo ezahlukahlukene ezithinta intuthuko, kuphinde kuthekeliswane ngolwazi;

# Luphumile olwenkosazane kuthuthukiswa abesifazane

**VERNON MCHUNU**

Nakuba iseyinde inyathuko eya empumelelweni ephelele, kepha isiyabonakala indima esilinywe nguhulumeni ukuzama ukudala ukulingana mayelana nokumeleleka kwabesifazane emagunyweni omsebenzi kahulumeni.

Lokhu kuvezwe ngumhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ongungqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, ngesikhathi ehlanganise amakhanda nabesifazane abasezikhundleni eziphezulu ikakhulukazi komasipala kanye nasezakhiweni ezibandakanya ukusebenza kohulumeni basekhaya.

Lesisithangami esibandakanya isakhiwo i-Institute of Local Government Management besihleli eBallito, ogwini olusenyakatho neTheku, ngeledlule, nalapho bekuhlangene khona izingcitha-buchopho zabesimame emkhakheni wohulumeni basekhaya.

Isithangami besihlelwe sahambisana nemigubho yokuhlonishwa kwabesifazane emhlabeni wonke jikelele onyakeni lona ka 2016. "Ucwaningo lomhlaba wonke jikelele oseluvezwe abeNhlangano Yezizwe lukhomba ukuthi lapho khona kuzanywa ukudalwa ukuthula phakathi kwamazwe asuke ebanga noma izinhlangano ezilwayo, kuyaye kusheshe kuzaleke ukuthula nxashane abesifazane beyingxenye yalezozingxoxo.

Kanti futhi luveza ukuthi ingane ezalwe kumama osuke ekwazi ukufunda nokubhala, leyongane ibekeka ethubeni lokuba ikhule kangcono," lawa ngamanye emazwini ngamhlonishwa uDube-Ncube, abezama ngawo ukugcizelela ukubaluleka kokuba abesifazane banikezwe amathuba okuba semagunyeni, ikakhulukazi ezingeni lohulumeni basekhaya.



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube*

UDube-Ncube ube eseveza ukuthi nokho isiyinde indima esihanjiwe emizamweni kahulumeni ukwenyusa izinga lokubekeka emagunyeni kwabesifazane.

"Ngaphambi kokuba kuzalwe inkululeko ngo 1994, babebalelwa ku 2.7% kuphela abesimame ababesezikhundleni kuhulumeni. Kepha namuhla ongqongqoshe sebebalelwa ku 41%, kuthi osekela-ngqongqoshe babalelwe ku 47% kuhulumeni kazwelonke.

Ephalameni kwisakhiwo seNdlu kaZwelonke, abesimame babekeke ku 41%. Kanti ezingeni lohulumeni basekhaya isibalo samakhansela esifazane sikhombisa ukukhula njalo emveni kwalolo nalolokhetho lomasipala, njengoba manje amakhansela esimame aselinganiselwa ku 39% ekubeni ekade eku 38.5% ngo 2011, kusuka ku 36.6% ngo 2006.

Kanti ngale kuka 1994, kwakuyicishe kube yiphupho ukubona umuntu wesifazane eyikhansela njengoba ayemancane kakhulu," uchaze kanje ungqongqoshe, nokuholele kwinhlokomo izihambeli zenanela leligxathu eselithathwe nguhulumeni wabantu ukuthuthukisa indawo yabesimame ezweni.



**"Ngakho nimelwe wukuba nolwazi olujule kakhulu mayelana nokuthi yikuphi enimelwe wukukubheka uma kuqhutshwa umsebenzi womasipala."**

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

# UNGQONGQOSHE URAVI PILLAY UKUJABULELE UKUSINGATHWA NGEMPUMELELO KWAMA-EPWP KAMOSO AWARDS ESIFUNDAZWE KWAZULU-NATAL

**GUGU MTSHALI NO SPHIWE MAPHUMULO**



IMeya yaseRichmond, eyakwaNongoma, eyaseMkhanyakude neyas'oLundi besiza uNgqongqoshe Ravi Pillay ukunikeza umklomelo we Best Innovative Project ezisebenzinin zoMnyango wakwa-Public Works

Bekuyintokozo yodwa ngesikhathi uMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi kulesi-Fundazwe wemukelisa okokuqala-ngqa ngezitifiketi nezindodo ze-EPWP KAMOSO AWARDS egameni likaHulumeni wesiFundazwe.

Kulo mcimbi obuseThekwini kwamukeliswe imiNyango kaHulumeni, oMasipala kanye nezinhlangano ezizimele ngegalelo lazo ekuqhubeni umsebenzi we-Expanded Public Works Programme kulesiFundazwe.

Kuzokhumbuleka ukuthi uMnyango wakwa-Public Works iwona onikezwe umsebenzi wokudidiyela nokuhlanganisa (EPWP Coordination) zonke izibalo zamathuba emisebenzi e-EPWP avezwa ezinye izinhlaka zikaHulumeni, yilezo ezizimele, kanye nalezo ezingekho ngaphansi kukaHulumeni, kubalwa namaNGO's, NPO, kanye nezamaBandla. Phela lokhu kwenziwa ukuze kwandiswe amathuba emisebenzi ekukhuphuleni isibalo salawo mathuba emisebenzi ayizigidi eziyisithupha (6 million job opportunities) amenyezelwa nguMongameli uJacob Zuma nathi ufuna kwenzeke ngonyaka ka-2019. Ekhuluma kulo mcimbi wama-KAMOSO Awards esiFundazwe uNgqongqoshe nobusakazwe bukhoma eziteshini zemiSakazo yomphakathi, uPillay uthe uthokozile ngeqhaza elibanjwe uHulumeni wesiFundazwe ohlelweni lwe-EPWP naluchaze njengento ephathekayo "njengoba loluhlelo lwenza umehluko obonakalayo emphakathini, nabantu abasebenza ezinhlelweni ze-EPWP bathi bayasizakala ngokuba yingxenye ye-EPWP njengoba ilwa nobubha ngokuletha amathuba emisebenzi emphakathini "- kusho uPillay.

Uqhube wathi ukuklonyeliswa kwalabo amaphumelele kuyinkomba yokuzimisela ekwenzeni ngcono lomsebenzi ukuze kusizakale imiphakathi eyahlukene esifundazweni "hhayi nje ngokwamathuba emisebenzi kepha ngisho nangamakhono ezokwakha abawathola ngesikhathi besebenza ezinhlelweni ze-EPWP" kugcizelela uMhlonishwa uPillay.

Inkulumo yakhe ishayelwe ihlombe elikhulu izethameli ngesikhathi echaza ukuthi isiFundazwe saKwaZulu-Natal sibambe elikhulu iqhaza ekudalweni kwamathuba emisebenzi ngaphansi kwe-EPWP njegoba "sekudalwe amathuba emisebenzi angu 462 214 kulawo isiFundazwe esazibophezela kuwo angu 725 340, kwabuye kwaqeqeshwa ngokwezinga eliphezulu abangu-155 893 nabanikwa izitifiketi zezinga le-NQF nokwenzeke kusukela ngonyaka owedlule kuze kube manje" esho ezishaya isifuba egameni likaHulumeni wesiFundazwe.

UNgqongoshe uPillay ubuye waveza nokuthi ngokwemali evela eMnyangweni wakwaPublic Works kuzwelonke neyabelwa izifundazwe ngokohlelo lwe-Conditional Grant, "isiFundazwe sisebenzise u-R 479, 388 million kuleyo mali engu R736, 315 million eqondene nezinhlelo ze-EPWP, nakuchaze njengento encomekayo ngoba ukungayisebenzisi lemali eyisabelo se-EPWP kusho ukuphindela kwayo emumva nokulamba kwabantu abayidingayo".

Uthe uyaziqhenya ngamagalelo esiFundazwe kuma-KAMOSO Awards njengoba sesike sahlabana ngoNovember 2015 kuma-Awards kuzwelonke sabuya nomklomelo we - Best Province, owe-Best Metro nowe -Best Local Municipality Project Ibiyishumi nesikhombisa (17) imiklomelo ebekuqhudelwana ngayo kuma-KAMOSO Awards esiFundazwe kanti uMnyango kaNgqongqoshe uPillay okuwu KZN Public Works ubuye nemiklomelo emibili okuyi Best Public Body Supporting Contractor Development: Eyesizwe Contractor Development Programme kanye nowe Best Innovative Project.

***Eminye imiNyango noMasipala abawinile kube yilaba abalandelayo:***

- Best Implementing Department - Infrastructure Sector: **Department of Transport**
- Best District Municipality - Infrastructure Sector: **Zululand District Municipality**
- Best Local Municipality - Infrastructure Sector: **Mkhambathini Municipality**
- Best Construction Project - Infrastructure Sector: **eThekwini Metro**
- Best Maintenance Programme - Infrastructure Sector: **eThekwini Metro**
- Best Public Body Supporting Contractor Development - Infrastructure Sector: **eThekwini Metro**
- Social Sector: **Department of Health**
- Best District Municipality - Social Sector: **Zululand District Municipality**
- Best Local Municipality - Social Sector: **Jozini Local Municipality**
- Best Project - Social Sector: **eThekwini Metro**
- Best Implementing Department - Environment & Culture Sector: **Economic Development, Tourism and Environmental Affairs**
- Best District Municipality - Environment & Culture Sector: **Umzinyathi District Municipality**
- Best Local Municipality - Environment & Culture Sector: **Msunduzi Municipality**
- Best Project - Environment & Culture Sector: **Newcastle Municipality**
- Best Project - Non - State Sector (NPO): **Widowed Women of South Africa**
- Best Project - Non - State Sector (CWP): **Ray Nkonyeni Municipality**
- Best Innovative Project: **Department of Public Works**

Inhloso yama-KAMOSO AWARDS asungulwa ngonyaka ka-2007 ukubonga igalelo labo bonke ababambe iqhaza ekudalweni kwamathuba emisebenzi kubuye kunconywe nalabo abenze kahle ukuze baqhubeke benze kangcono kunakuqala.

Njengoba lama-Awards abengawokuqala-ngqa, kubhekwe ukuthi abaphumelele badlulele


UNgqongqoshe uRavi Pillay kuma-EPWP KAMOSO Awards eThekwini



UNgqongqoshe Ravi Pillay neMeya yaseMkhanyakude uKhansela ..benikeza uNkk Yandisa Mzotsho umklomelo we Best Public Body Supporting Contractor Development: Eyesizwe Contractor Development Programme



**"Njengoba loluhlelo lwenza umehluko obonakalayo emphakathini, nabantu abasebenza ezinhlelweni ze-EPWP bathi bayasizakala ngokuba yingxenye ye-EPWP njengoba ilwa nobubha ngokuletha amathuba emisebenzi emphakathini."**

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay

# UMASITHOLE-MOLOI UNIKELE NGESIHLALO ESINAMASONDO

**GUGU XABA**

Isalukazi esineminyaka engama-82 sesinikelelwe ngesihlalo esinamasondo ngungqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi eMadlangeni ngaphansi kukamasipala iMajuba enyakatho-ntshonalanga nalesifundazwe.

UNgqongqoshe uMaSithole Moloi unikeze lomndeni kaGogo uMaNkosi-Mbatha izidingo ezibalulekile okubala ukudla okuzobaqhuba inyanga yonke, imbewu yokutshala kanye namageja waqede wayesephonsela abazukulu bakulelikhaya ukuthi balime.

Kulomuzi kaGogo uTholiwe uMaNkosi-Mbatha onezindlu zodaka ezine kuhlala amalungu omndeni ayi 17 okubala abazukulu abayishumi, umzukulwane oyedwa kanti abayisithupha bayafunda.

Okuvelayo ukuthi kulomuzi kuphilwa ngemali yempesheni kaGogo uMaNkosi nemali yetoho eholwa umalokazа wakhe obamba itoho ngokuphekela izingane sikoleni sendawo.

"Kubalulekile ukuthi sisebenze ngokuzinikela singabheki ukuthi lokhu okomnyango wami loku akusikho mele sikhumbule ukuthi siwuhulumeni owodwa nokusebenza kwethu emphakathini mele kukhombise lokho,"kusho uNkk Bongi Sithole-Moloi.

Abazukulu bakaGogo Mbatha bona banikezwe umfaniswano wesikole. UNgqogqoshe uqguqguzele uGogo Mbatha ukuthi njengoba elethelwe amageja kanye nezithombo zika-anyanisi, ezikatamatisi, imfino nembewu yamazambane ukuze atshale ingadi yakhe iyona ezonciphisa izindleko ekhaya ,naye abe nama sentshana okuzithengela izinto azidingayo. UMaSithole-Moloi uthi ukusebenza engadini akugcini nje ngokukhiqiza izitshalo kodwa kungenye yezindlela yokuzi vocavoca ukuze kululeke imisipha emzimbeni negazi lihambe kangcono ukuze nenhliziyo ishaye kahle. "Ukuhlala ndawonye ikona okubangela ukugula amalunga omzimba awanyakazi ngisho negazi liyama bese umuntu ekhala ngezinhlungu nenkwantshu kantu ilokhu ukuhlala ndawonye", kusho ungqongqoshe.

UNgqongqoshe uthi wathintwa yisicelo esenziwa wuGogo kuyena ayevakashele kulendawo phambilini kulonyaka waze wathola ukuthi ugogo lo akasakwazi ukuyoziholela impesheni yaso ngenxa yokungakwazi ukuzihambela.

UNkk Sithole-Moloi uthembise ukubuya ezobona ukuthi umndeni uqhuba kanjani ephinde ebone nengadi kaGogo.

Weluleke abasebenzi bakahulumeni ukuthi bazithobe bahloniphe uma beqhuba imisebenzi kahulumeni ukuze abantu abasizakale kangcono kuthuthuke impilo yabo.



*Ugogo uMaNkosi Mbatha uthole isihlalo esinamasondo sokumsiza akwazi ukufinyelela lapho edinga ukuya khona.*

# UNgqongqoshe wezobuciko namasiko uthi umkhuba usekhaya

**STHEMBISO SHANGASE**

Uphiko Lwezilimi ngaphansi komnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali, izingcithabuchopho ezicwaninga izilimi kwezemfundo ephakeme, abakhuluma ngezandla nezazi ezizimelele kwezezilimi bahlanganise amakhanda ehholo ledolobha eMnambithi enyakatho ntshonalanga yesifundazwe babhunga ngokubaluleka kokuhumusha imibhalo iye ezilimini zabomdabu.

Lomhlangano wezinsuku ezimbili ubuyingxenye yokugubha usuku lokuhumusha emhlabeni iInternational Translation and Interpretation Day olubanjwa ngokuphela kwenyanga yamagugu uSeptember.

UNgqongqoshe womnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi utuse igalelo lengqalabutho kwezokuhumusha imibhalo uSt Jerome owahumusha ibhayibheli waliyisa esintwini ngeminyaka ye 1950.

UMaSithole Moloi uthi ukonakala kolimi kuqala emakhaya njengokuvumela ukuthi amantombazane abhince amabheshu athwale imiqhele okuyindlela yokuvunula yabantu besilisa kuphela.

Uthi ukuvunula, ukuhloba nokwembatha kukodwa kukhuluma indaba kuyiqede kuchaze nokuthi loyomuntu usekusiphi isigaba sempilo kuphinde kuchaze nokuthi ungowesilisa noma ungowesifazane osekhulile noma



*UNgqongqoshe ekhuluma nabahambele usuku lokuhumusha nokutolika obelubanjwe eMnambithi*

osemncane. "Mina nje ngiyawabuzisisa amaciko ngaphambi kokuthatha ubuhlalu ngihlobe ngabo ngoba angifuni ukuthi ngihlobe ngobuhlalu obukhuluma into engingayiqondile njengokuthi ngishaye ubuhlalu bomuntu ohamba ethi ngicela ukuthathwa kanti sengathathwa kwaMoloi", kuchaza uNgqongqoshe ngokuhumusha indlela yokugqoka.

Uqhuba athi ngaphezu kwakho konke yena uyazi ukuthi abantu abavunula ngesidwaba basuke bethi sebeganile ngoba isidwaba asibhicwa amantombazane angakathathwa.

"Lento engiyichazayo ayidingi ukuthi kuze kungenele uhulumeni nesikole kodwa idinga ukuthi amakhaya abe ngamakhaya awaziyo amasiko ukuze abone uma izingane seziphambuka noma sezigagamela into okungesiyo eyazo", kusachaza yena uMaSithole-Moloi.

Ugquqguzele abathamele lengqungquthela yokugubha lolusuku ukuthi baqaphele noma bethenga ubuciko obuqoshiwe ngoba buyixoxa buyiqede indaba.

NgokukaMaSithole-Moloi kuwumsebenzi wabazali emakhaya ngamakhaya ukufaka isikole sokufunda indlela ehloniphekile yokuxhumana phakathi kwabantu abadala nabancane.

Ubuye wancoma iqhaza labafundisa ukubhalela abangaboni wathi njengoba nabo bekhangise ngemisebenzi yabo kulomgubho kuwuphawu lokuthi zonke izindlela zokuxhumana mazisetshenziswe futhi kuyijoka lawowonke umuntu ukuthi afunde zonke izilimi ngisho nezabantu abangakhulumi nabangaboni.

UNgqongqoshe ubuye waxwayisa abazali ngokuthi baqaphele izinto ezibukwa yizingane zabo komakhalekhukhwini nakumabonakude ukuthi azibafaki yini umoya wezikhova nemikhuba.

Uthi uma abazali bevumela izingane zibuke imikhuba lokho kungasho ukuthi abanankinga uma izingane zabo zizama ukugila imikhuba eziyibona komakhalekhukhwini nakumabonakude.

Uqede ukuyala izithunywa ezithamele lomgubho wayesenikelela isikhungo esinakekela ukuthuthukiswa kwabantu abasha iMoresta Child and Youth Care Centre esisebenzela eHospital Park khona eMnambithi neTiger Sewing Club yomama baseStedvile abathungayo.

IMoresta ithole isheke lemali eyizi R3000 zamarandi ukuze ithenge izincwadi kwathi iTiger Sewing Club yanikwa umshini wokuthunga omusha ceke. Imeya yomkhandlu wasOthukela uMnu Siphiwe Mazibuko ephelezelwa eyase Alfred Duma uMnu Vincent Madlala bebephahle ungqongqoshe ngesikhathi enikela ngalezizidingo kubantu bakuleyandawo.

UDkt Gugu Mazibuko wasenyuvesi yaKwaZulu-Natali ehambisana nesingqongqo sesifundiswa nababhali bezincwadi kanye nezazi kwezolimi okubala uSolwazi Langalibalele Mathenjwa, uMnu Mpumelelo Mbatha bebeyingxenye yalombuthano. Izikhungo zemfundo ephakeme ebezimelwe kubalwa i-UKZN ne Durban University of Technology.



*UNgqongqoshe neNhloko yoMnyango*



**"Lento engiyichazayo ayidingi ukuthi kuze kungenele uhulumeni nesikole kodwa idinga ukuthi amakhaya abe ngamakhaya awaziyo amasiko ukuze abone uma izingane seziphambuka noma sezigagamela into okungesiyo eyazo"**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# UMBONO KANGQONGQOSHE UTHEMBA MTHEMBU NGESIMO SEZOLIMO NOKUDLA

**Kumanje bangaphezuku kuka 13,8% abakuleli abalala bengadlile, bese kuthi u46% ubalwe njengalabo abanokudla okungenele. Liyanda inani lemindeni elibhekene nokweswelakala kokudla.**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ngosuku LokuDla olugujwa umhlaba wonke uthi ukudla noma ukubakhona kokudla kuyimpilo, kuphinde kube ilungelo lomphakathi kuphinde kube indlela yebhizinisi. UmNyango awuholayo uphezu kwezindlela zokuthola amaqhinga okwenza ukuthi kutholakale ukudla okunomsoco ngamanani angambi eqolo, kufinyelele kulabo abadla imbuya ngothi. Kuyamangaza ukuthi lapha eNingizimu Afrikha, abantu okuyibo abasebenza umhlaba ukulima ukudla, kuphinde kube yibo kanye abangakwazi ukuthola ukudla okunomsoco ukondla imindeni yabo. Empeleni abantu basezindaweni zasemakhaya abanomhlaba owenele nolungele ukusetshenzwa, kepha yibo okubonakala bebhuqwa indlala bebalwa nabaphila ezingeni eliphezulu lokuhlupheka nezinga lempilo elingelihle. Lezizimo eziphikisanayo ziyacabangeka njengoba sisanda kugubha bheke usuku ologujwa minyakayonke okungu Mhlaka 16 ku-Okthoba owaziwa nge World Food Day.

Lolusuku luhambisana nokusungulwa kwenhlangano yomhlaba eyaziwa nge Food and Agriculture Organisation (FOA). Lenhlangano imelele ukwazisa imiphakathi ngezindlela zokulwisana nendlala, ukungondleki ngendlela kanye nobubha. Lesisimo siyinxanxathela ebandakanya izinto eziningi nesithinta izinto eziningi ezinomthelela ekuthintekeni kwezomnotho.

Kuzozonke izigaba zokukhiqizwa kokudla kuthinteka imali. Izibalo zikhombisa ukuthi amaphesenti amathathu amapulazi akuleli asikhiqizela ukudla okuwu 90%.

Ukukhiqizwa kokudla kwengamelwe izikhondlakhondla zezinkampani kanti futhi nokudayiswa kwemikhiqizo nakho kusingethwe yizo lezizinkampani ezinkulu. Umbiko wenhlangano yabasebenzi eyaziwa nge COSATU wakubalula ukuthi izikhondlandla ezinhlanu zezitolo zinengxenye ka 60% ngokubambisana ezimakethe kuleli. Umphumela walokhu ukukhuphuka okungapheli kwamanani okudla. Lokhu kuhambisana nokudilizwa kwabasebenzi, amaholo angenelisi, lesimo senza kwehle imali engena emndenini bese kuthi imindeni ekhulayo ingabe isakwazi ukuzihlinzeka ngokudla okwanele, okunomsoco nokunonophalisayo.

Abasebenzi basemapulazini abayizisulu kakhulu ngenxa yalesisimo njengoba bebalwa nabasebenzi abahola kancane eNingizimu Afrikha.

Isikhungo esilawula uKudla kanye neMigomo yezoLimo esisesikhungweni semfundo ephezulu iStellenbosch University, ophenyweni laso lwathola ukuthi abasebenzi basemapulazini nemindeni yabo abakwazi ukuzihlinzeka bona kanye nemindeni yabo ngokudla okunomsoco. Lesimo esixakayo noma esiphikisanayo engisibalule ekuqaleni lapho ngibalule khona ukuthi abasebenzi abasiza ekukhiqizweni kokudla abakwazi ukuzihlinzeka ngakho. Ukulwisana nokungabibikho



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu*

kokudla kanye nobubha kuqala ngokulungisa isimo sokucindezelwa nokuhlukunyezwa kwezisebenzi zasemapulazini. Isomiso esiqhubekayo sesibangele ukukhuphuka okukhulu kwentengo yokudla, kwazi bani ukuthi ngesikhathi sikaKhisimusi sobe sesikhokha kangakanani.

Kumanje bangaphezuku kuka 13,8% abakuleli abalala bengadlile, bese kuthi u46% ubalwe njengalabo abanokudla okungenele. Liyanda inani lemindeni elibhekene nokweswelakala kokudla. Lokhu kuvezwe yinhlangano yomphakathi eyaziwa nge PACSA okumele Pietermaritzburg Agency for Community Social Action.

Lenhlangano ibheka izinga lokukhuphuka kokudla nokubheka ukuba ngabe imindeni yalabo abasebenza imisebenzi ephansi bayakhona yini ukondla imindeni yabo. Ngo August uPACSA uthole ukuthi intengo yokudla okuyisidingo nqangi isikhuphuke ngo 19% uma iqhathaniswa namanani onyaka owedlule. Ngokuka PACSA ubhasikidi womndeni wamalungu ayisihlanu wokudla okunempilo usungabiza imali elinganiselwa ku R3 125.87 ekubeni imali eholwa ngokokubalwa kwenani labasebenzi eNingizimu Afrika ibalelwa ko R2 300.

Lokhu kusho ukuthi imindeni edla imbuya ngothi isebenzisa 60% wemadlana oyithola ekudleni, ngalokho yibo abahlukumezeke kakhulu ngokukhuphuka kwentengo yokudla. Konke lokhu kukhomba enye futhi inkinga ekuhlinzekweni kokudla, ukudla okunempilo kuyabiza kanti ikona okudingekayo ukwakha imizimba enonophele. Abacwaningi bezempilo bathi ukudla okungekho esimweni noma okungenampilo kuyahambisana nokukhuphuka kwezinga lokukhuluphala ngokweqile kwabanta bakuleli.

Ngenxa yalenkinga yokungatholakali kokudla okulungele imizimba, umfundi oyedwa kwabayisihlanu ugula ngezifo ezihambisana nokungondleki aphinde abhekane nezinselelo ekufundeni. Uhlelo luka Hulumeni lokufaka ukudla ezikoleni luhlomulisa abafundi abangaphezu kwezigidi eziyisishiyagalombili, kepha izazi emkhakheni woKudla zithi lesisimo sokungondleki ngokwanele kade saqala, abesifazane abazithwele abangakwazi ukuzihlinzeka ngokudla okunomsoco bagcina bethole izingane ngaphambi kwesikhathi noma bathole izingane ezinesisindo esincane kakhulu kunesilindelekile emntwaneni ozelwe. Lezi izinto ezingaphazamisa ikusasa nokukhula komntwana. Yingakho uHlelo lukaHulumeni lweNtuthuko kaZwelonke olubizwa nge National Development Plan lukubalula ukuthi ngonyaka ka 2030 uhlelo lokufakela abafundi ukudla ezikoleni kumele lube selufakela abafundi ukudla okusezingeni okunomsoco owenele kuphinde kubenezakhamzimba. Phezu kwalombono, umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi kwaZulu Natali usebenzela ekutheni ingatholakala kanjani indlela ezokwenza ukudla okunempilo kutholakale ngamanani aphansi. Uma impilo nesimo sezakhamizi zethu ibalulekile, kumele sikhulume nangezidingo zomzimba nokuthi lokhu kusiza kanjani onhlotsheni lokudla ekumele silukhiqize. Siqale uhlelo lokuxoxisana ukuze sibheke imigomo nokusebenza ngaphansi kwe Food Security. Okuhamba phambili noma okubalulekile kulokhu kubonisana ukuthola izindlela zokukhiqiza ukudla okunomsoco ngaphansi kwesimo sezulu esiguquguguqukayo, Climate Change. Lokhu kuhambisana nendikimba ye World Food Day ka 2016 ehunyushwa ngokuthi - iSimo seZulu siyashintsha: ukudla kanye nezolimo nakho kumele kuhambisane nesikhathi.

NjengomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya, sihlose ukungenelela ngezinhlelo ezinkulu ekuqinisekiseni ukubakhona kokudla. Lomgudu noma lendlela iqale ngomgubho ka 2016 obukade ugujwa ngaphansi kukaMasipala uMlalazi Local Municipality zingu 14 ku Okthoba.

## Umnyango wezoLimo kuzwelonke ubungaze usuku lokudla emlalazi

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Phezu kwayoyonke imizamo yomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiPhakathi yaseMakhaya esiFundazweni yokulwisana nendlala kanye nokuqinisekisa ukubakhona kokudla, iKwaZulu Natali ibalwa nezinye iziFundazwe ezibhuqwa yindla, okubalwa kuzo oGauteng kanye nawo Mpuma Koloni. IKwaZulu Natali inabantu abaningi abalala bengadlile.

Lokhu kuvezwe uNgqongqoshe walomNyango ngesikhathi kugujwa usuku olugujwa minyakayonke futhi lugujwa umhhlaba wonke, usuku olwaziwa nge World Food Day ngesikhathi ehambele lomcimbi obuse Nkume, eMlalazi.

UNgqongqoshe uMthembu uzwakalise ukukhathazeka kakhulu ngalesisimo kanye nenselelo ebhekene nesiFundazwe, ikakhulukazi umsebenzi obhekene nomNyango awuholayo.

Lolusuku lugujwe ngokubambisana phakathi komNyango kaZwelonke ubuhlelwe yihhovisi umNyango wezoLimo, amaHlathi nokuDoba ngokubambisana nowezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya. UNgqongqoshe uZokwana weseke uMthembu waqhubeka wathi ububha abugcini nje kuphela lapha KwaZulu-Natali okanye eNgizimu Afrika, kodwa ucwaningo luveza ukuthi emhlabeni jikelele indlala idla lubi ezweni kazi lase Afrika nokubangelwa yisomiso esidla ubhedu kulezinsuku kuleli naseMazweni angaphandle.

UZokwana uthe imhlabe umgxwele eyokubambisana namakhosi wathi kodwa kufanele kuqhutshekwe kubanjiswane nanezinye futhi izinhlaka zomphakathi ezizihlelile nezisondelene nabantu, izinhlaka ezifana nazezenkolo.

"Ziyathusa izibalo zemindeni edonsa kanzima kulesisiFundazwe, kumele sibambisane ekulwisaneni nendlala ukuze kunciphe lezizibalo ezenza isiFundazwe sethu kube yiso esihamba phambili ngokweseleka kokudla. UmNyango usebenzela ekutheni wonke amazinga omphakathji abe nokudla okwanele nokunempilo futhi" kuchaza uMthembu. Kuvela lezindaba nje uNgqongqoshe uMthembu uphezu kombhidlango wokuhambela abathintekayo kwezolimo, lokhu ukwenza ngenhloso yokuthola ukuthi yini ngempela engasiza imiphakathi esetshenzwa umNyango. UMnu. uZokwana uthe isadinga ukucutshungulwa kabanzi indaba yomphangazana ohlasele kuleli ekubeni izwe likwazi ukuzikhiqizela ukudla kodwa kube nabantu abalala bengadlile.

"Idinga ukulungiswa lendaba yokuthi sinokudla kwethu esikulimayo nemfuyo esiyifuyileyo kodwa uthole ukuthi sikudlulisela kwamanye amazwe ukuba bekulungisele ukuthi kudliwe, lokhu kwenza ukuthi ukudla sikuthole sekumba eqolo ezitolo.

Ngakho-ke sidinga ukuthi sizenzele thina ukuze sigcine intengo yakho iphansi, futhi singakwazi" kugcizelela uNgqongqoshe Zokwana.

UHulumeni uyayixhasa imiphakathi esiqalile ukwenza imisebenzi ngoba ikhombisa ukuhleleka nokuzimisela emsebenzini eyenzayo.

Lokhu kufakazeleka ngokudluliswa kuka R500 000 kuma projects okuyi Guqabedele,



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu*

Bright Future Poultry Project, Manto Farm Stock; wonke lawa athole R45 000 ngayinye. Kwase kuthi iMagagamela Trade & Project neZwilezipho yathola R139 000 ngayinye. Isekela Ngqongqoshe kazwelonke uMnu. uBheki Cele osukume kwacwaza inkundla ukhale ngokuthi nakuba indlala ikhona ezweni kodwa nabantu bayayikhuthaza ngobuvila.

"Imizi eminingi esiyihambele namuhla indlala awuyibuzi, uzibonela nje ungena, kodwa okungiphathe kabi ukubona ukuthi kanti yonke lemizi inompompi futhi amanzi ayaphuma kubo kodwa akukho ngisho iklabishi elilodwa elitshaliwe egcekeni.

Esitolo uthola iklabishi ngentengo ongathenga ngayo imbewu engamilisa inqwaba yamaklabishi", kwenaba uCele.

Uqhube wanxenxa imiphakathi ukuthi okungenani ayisungule izingadi emakhaya, wachaza nokuthi lesisimo sikhombisa inhlese ethize ehambisana nobuvila.

# IKWAZULU-NATALI IBUTHE INQWABA YEZINDONDO KWEZOLIMO

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**



*Isithombe esingenhla: kwesokunxele ngumnu. uSakhiwo Ceshe ongumphathi oyibamba eVulamehlo nomnu. uMkhize (kwesokunxele) obemele iSakhubunye Livestock Cooperative edle umhlanganiso ekunakekelweni kwamadlelo (Veld Care). Isithombe:* ***BUYANI MKHULISE***

Bekugcagca iKwaZulu-Natali eMittah Seperepere Convention Center lapho bekubanjelwe umcimbi wokuklomelisa iziFundazwe eziphumelele kuZwelonke emncintiswaneni wokunakekelwa komhlaba. IziFundazwe zihlangane zonke eKimberly, eNyakatho neKapa ukuzizobonele kuklonyeliswa abadle umhlanganiso ngokuhlukana kwezigaba zomncintiswano.

Abalimi nezikole ezenza kahle endimeni yezolimo nokunakekelwa komhlaba babambe iqhaza baba ingxenya yalendumezulu yokunikwa kwabahambe phambili. IKwaZulu-Natali iphume phambili kulemikhakha elandelayo i-Best Drama ilale KwaZulu-Natali ishaqwa yiSombongangani Primary nebibophele abafundi abango Aphiwe Sgwayi, Asanda Zondi, Lusanda Ngcobo, Awethu Mtolo, Luthando Ndlovu, Thubelihle Nene, Aphiwe Shoba kanye noNonjabulo Mkhize. USarah Manci wase St Patricks uhlanyise ihholo lonke ngenkulumo yakhe enonhlonze ku-Best Speech waze wacelwa impinda ngosuku lokwethweswa olwegwalagwala, i-Zintwala Project iqukule indondo ku-Best SoilCare kwathi iSakhubunye Livestock Cooperative ikhale yemuka ne-Best VeldCare. Lomcimbi ube indlela esezingeni eliphezulu lokuvalwa kwengqungquthela kaZwelonke ebihlelwe ngumNyango wezoLimo amaHlathi nokuDoba ngokubambisana nabakwa LandCare ethathe izinsuku ezintathu. Lomncintiswano ubuhlukaniswe izigatshana okubalwa naleso esibizwa nge Junior Land Care okungumkhakha ongenelwa ngabafundi bezikole kuphela ngenhloso yokufaka ulwazi nothando lokunakekela umhlaba nokulima emazingeni abafundi abasebancane. Umcimbi wemiklomelo bekuhloswe ngawo ukuhlonipha iqaza lalabo abenza kahle endimeni yezolimo nasekunakekelweni komhlaba njengoba umhlaba kulinywa kuphinde kufuywe kuwona, impilo yethu incike kakhulu ekunakekelekeni komhlaba ukwenza izinto ezifana nokulima kanye nokufuya. Abahleli balomcimbi wemiklomelo babuye baveza ukuthi lokhu bakwenza ngesifiso sokukhuthaza abantu ekunakekeleni umhlaba njengoba izwe libhekene nengqinamba enkulukazi yokuguquguquka kwesimo sezulu baphinde bakhuthaze nakwezolimo njengoba iNingizimu Afrika ibhekene nengwadla yokushoda kokudla nosekubhebhethekiswe yisomiso. Isifundazwe siphume isibili Ku-Best Poster Mainstream, isifundazwe besimelwe nguSiphokazi Maphumulo waseSiphakamile Primary School. Ku Best Poster- Special School, uNontethelelo Ntshangase waseMasisizane Primary, i-Fairleigh Primary School yaba ngeyesibili ku-Best In School. IRichmond Primary, Marianridge Primary, neHopewell JSS bezifolose ngo-Usman Desai, Anele Njiyela, Delron Stanley abathathe isibili ku-Best Oral Debate, uMseleni Lake Sibaya waba ngowesibili ku-Best WaterCare, i-Best Conservation Agriculture Beginner isiFundazwe besigabe ngeRivervalley farm. IMzamowethu Youth Cooperative ibingenele ku-Best Out of school, kanti Sakhubunye Livestock Cooperative yona itonyulwe ku-Best LandCare community.

USimphiwe Mafukwana obemele isiFundazwe ku Best LandCare Coordinator kanye no- Bheki Mbonambi obesimele ku- Best LandCare Champion bona balale isithathu. UNkosikazi Thamoney Naidoo ovela kwa Land Care KwaZulu-Natali obebhalwe injabulo emehlweni uthe kubajabulisile ukubona isiFundazwe ihlomula kuyo yonke imikhakha ebesikhethwe kuyo waqhuba ngokuthi bebengakulindele lokhu kodwa ubona kubafanele koba basebenza kokuzikhandla.

"Sijabule kakhulu isiFundazwe sethu sihlonishwa kuyo yonke imikhakha ebesikhethwe ukuba siyingenele, lokhu kusho ngokusobala ukuthi siyisifundazwe sisebenza ngokuzikhandla endimeni yezolimo nakwezokunakekelwa komhlaba", kusho uNks Naidoo. Abebemele iKwaZulu Natali bebebuyela bebuyelile phambili beyoqoqa izindondo zabo, eqhubeka uNksz Naidoo uthe bazimisele ukusebenza kakhulu kunalokhu ukuze bedle umhlanganiso kuyo yonke imikhakha. "Ukuchonywa uphaphe lwegwalagwala namuhla kuyasikhuthaza emsebenzini wethu ukuze siwole zonke inindondo ngokuzayo.

Sisebenzisana nabaholi bomdabu namakhansela ekuqinisekiseni ukuthi umphakathi uyawunakekela umhlaba wawo, sinemikhankaso eyishumi yokuqwashisa imiphakathi nama-project amahlanu esiwaxhasile ngenhloso yokunakekela umhlaba sikhuthaze nezolimo" kuphetha uNkkz Naidoo.

Umlando uyakhombisa ukuthi isiFundazwe kade saqala ukuzinikela kulomsebenzi wezolimo njengoba ngonyaka ka 2003 wake wakhipha umlimi wonyaka kuZwelonke, ngonyaka olandelayo kwaphuma amqembu anjengawo BuhlebamaNguni nawo aphumelele kuZwelonke emikhakheni ehlukene.

# Owezolimo esiFundazweni ubophe elika sofasilihlane nabaholi bendabuko

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi kulesisiFundazwse uyakuthokozela ukusebenzisanana nezinhlaka ezihlukene emphakathini. Lokhu kubonakale ngendlela Amakhosi aseNdlunkulu asiphakamele phezu ngayo isimemo esiphuma emNyangweni sokuthi kuzoxoxiswana. IsiFundazwe besimeleleke sonke eThekwini njengoba amakhosi abephuma nxazonke nesiFundazwe. Leli kube ithuba eliyigqayizivele lokubonisana ngezindlela ezingcono neziya phambili ekusebenzisaneni kobuholi boMdabu kanye nomNyango. Okucacile nokuwathokozisile amakhosi ukuthi bobabili uNgqongqoshe Themba Mthembu kanye neNhloko yomNyango bayabazisa ubuholi bendabuko neqhaza obungalibamba entuthukweni yomphakathi, ikakhulukazi ngenxa yokusondelana nemiphakathi.

Amakhosi alenamele kakhulu lelithuba eliyingqayizivele njengoba kuyiwona asondelene nabantu ezindaweni abazakhele. UNgqongqoshe uMvelase ucacise ukuthi umNyango ukubone kubalulekile ukubambisana namakhosi ngoba ukulima nokufuya kwenziwa ezindaweni zawo. "SiwumNyango sikubona kubaluleke kakhulu ukubambisana nobuholi bendabuko, njengoba sisebenza ngenhlabathi, sisebenza nasezabelweni ezingaphansi kobuholi benu. Ngakho-ke singekwazi ukunishaya indiva size sihambe ibanga elide singabakhile ubuhlobo phakathi komnyango nabanikazi balenhlabathi, ngeke salibalekela iqiniso lokuthi amakhosi yiwona engamele izindawo okuhlalwa kuzo abantu, ikakhulukazi emakhaya". kusho uMthembu. Uphinde wavezela amakhosi ucwaningo lwakamuva oluveza isimo sokungalingani esiqhubeka eNingizimu Afrikha.

Ngokuchaza kukaNgqongqoshe, ucwaningo lwakamuva luveza ukuthi luveza ukuthi 10% wemindeni yakuleli idla izambane lika pondo ekubeni u 26% wemindeni elala ingadlile nsukuzonke. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi iningi labantu bakuleli bahlwempu kanti okuxakayo ukthi iningi labo ilabo abahlalal ezindaweni zasemakhaya. Ukwenzeka kwalokhu kukhombisa igebe elikhona emiphakathi. Okunike ithemba ebuholini ukuthi izinhlelo zomNyango zizosondezwa nawo aphinde abe yingxenye yazo ngokuphelele. UmNyango usebenzela ukuba yonke imindeni ekulesisiFundazwe ilale ikwazile ukuthola okuya ethunjini. Ezempilo ziyakhomba ukuthi umuntu uding ukudla okunomsoco ukuze anonophale imizimba ivekeleke ezifweni. Ukufinyelela kulelizinga umNyango uhleze ubheka ngobuchwepheshe izindlela zakamuva zokwenza ezoloimo esiFundazweni zibengcono, kanti futhi nokusebenzisa izithangami ezifana nalezi ngenye indlela umNyango oyangayo kubantu ukuqinisekisa ukuthi imiphakathi inezwi ekwakhiweni kwezindlela ezisiza ekusebenzisaneni ngomgomo owodwa wokulwisana nendlala. Kudume ihlombe, kwenanale indlu yonke ngesikhathi iNkosi uMaphumulo eMaqongqo eMbambangalo ichaza ngokubaluleka kolunye lwezinhlelo zomNyango. "Kufanele kubuyiswe labogandaganda ababekhiswe ngumNyango ukuba belimele abantu, kwasiphatha kabi ukunyamalala kwabo ngoba babesilekelela kakhulu emiphakathini". kuchaza uMashimane. Khona lapho iNkosi uZondo osemnkantshubomvu kwezolimo okwaze ukuqasha abantu baseMpangisweni eVryheid abangaphezu kuka 300 ngeminya emithathu, uqhamuke nolunye uhlangothi kulomsebenzi njengoba enxuse umNyango ubhekisise indlela nemigomo esebenzisana ngayo nemiphakathi, uphinde uqinisekise ukuthi abalimi bathola usizo abaludingayo.

Kulomhlangano, okubonakale sengathi wonke umuntu uyavumelana ngakho ukuthi kufanele kugxiliswe isikompilo lokulima emakhaya ikakhulukaszi entsheni ukuze kunciphe izinga lokungasebenzi entsheni egcina isibalekela emadolobheni ifuna amadlelo aluhlaza. UMvelase unxuse ukuba amakhosi angenelele asizane nomNyango ukutshala nokwandisa intshisekelo yezolimo emphakathini.

Inkosi uTembe yakwa Mhlabuyalingana ngokuvemelana neNkosi uMchunu eMsinga bakhuthaze ukusebenza kwezokwaluleka njengoba begcizelele ekufundisweni kwemiphakathi ngezindlela ezizosisa uma kuhlasela izimo ezifana nesomiso nokunye.

"Kufalele sifundiswe ukuthi nhloboni yezitshalo ezifanelwe ukutshalwa ngasiphi isikhathi, siphinde sifundiswa nokunakekela imfuyo esinayo" kuvumelana amakhosi UmNyango uphinde wazibophezela ekusebenzeni nemiphakathi ngokuhlukana kwayo, waphinde wanxusa ukuba amakhosi abeyihlo lawo emisebenzini eqhubeka emiphakathini. Lona omunye wemizamo yoMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi ukusondela emiphakathini ukuze kulwiswane nendlala esiFundazweni.



"**Sisebenzisana** nabaholi bomdabu namakhansela ekuqinisekiseni ukuthi umphakathi uyawunakekela umhlaba wawo, sinemikhankaso eyishumi."

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo ezisеMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# SEBENIKWE IZINKONTILEKA ZOKUTHUTHA NGAMABHASI OSOMABHIZINISI ABASAFUFUSA

SIBONGISENI THABETHE noMABUYI MKARRY

Sekuqopheke omunye umlando kwezokuthuthwa komphakathi KwaZulu-Natal kulandela ukusayinwa kwezinkontileka phakathi koMnyango wezokuThutha nezinkampani zamabhasi ezingu-9 eziphethwe ngabantu abamnyama abangama-Afrika. Lokhu kuhambisana nohlelo lukaHulumeni lokuqinisekisa ukuthi zonke izinhlangothi ezithintekayo kwezokuthutha, ziyahlomula ezinhlelweni ezihlose ukubafukula.

Kuphinde futhi kuhambisane nomgomo osuqhamuke noMphathiswa wezokuThutha uMnu Mxolisi Kaunda, wokuthi zonke izinhlelo zoMnyango zizobeka eqhulwini ukuthi kube noguquko olusheshayo kwezomnotho, i-Radical Economic Transformation. Emcimbini obuseRichards Bay uKaunda umemezele ngokomthetho izinkontileka zeminyaka emihlanu eziya ezinkampanini nalapho uHulumeni ufake imali ebalelwa ku-R204 million kulo nyaka wezimali ka-2016/2017 kuphela.

Kulolu hlelo kungene nabaqhamuka embonini yamatekisi okusho ukuthi sebethathe igxathu elisha kulomkhakha wezokuThutha. Echaza ngalolu hlelo uMphathiswa uKaunda uthe uHulumeni uke waba nohlelo lwe sub-contracting kuyo yonke imisebenzi yokuthutha umphakathi exhasiwe. "Kulolu hlelo kwakuthiwe kumele inkampani yamabhasi ibe no-10% womsebenzi ewunika osomabhizinisi ababencishwe amathuba phambilini. Nokho lolo hlelo lwahluleka ukufeza injongo yalo. Esikhundleni salokho lwabonakala seluholela ekuxhashazweni kwabantu bakithi abangama sub-contractor okwakwenziwa yilaba abayizikhondlakhondla," kusho uKaunda. Uqhube wathi ezinye izinkampani ezinkulu zazibhalisa abashayeli njengama sub-contractor ukuze nje zibonakale zilandela imigomo ebekiwe kodwa zingabe zisabanika labo bashayeli imihlomulo efanele. "Ngaleyo ndlela imboni yamabhasi yaqhubeka nokuqhoqhobalwa imindeni embalwa yohlanga olulodwa. Sithi-ke akukwazi ukuqhubeka lokho namanje," usho kanje. Wenze isiqiniseko sokuthi kulo nyaka uMnyango wakhe uzokwenza ngcono izinga lokuba izinkampani zabamnyama abangama-Afrika zibambe iqhaza emisebenzini wokuthuthwa komphakathi oxhaswe nguHulumeni. "Njengoba senza isivumelwano nje lapha, kusho ukuthi njengoMnyango sizokwazi ukulandela indlela umsebenzi oqhubeka ngayo. Sizophinde sikwazi nokungenelela ngokushesha uma kunezinkinga abahlangabezana nazo ezenza kube nzima ukusebenza,"



*UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ehambisana noSihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal uMnu Boy Zondi neMeya yaseMhlathuze uKhansela Mduduzi Mhlongo bezwe ngokokuqala ubuthofothofo belinye lamabhasi amasha azosebenza ngaphansi kohlelo oluxhaswe nguhulumeni esifundazweni.* ***Isithombe:*** ***THAMI MKHULISA***

kuthembisa uKaunda. Ebonga egameni labahlomulile uMnu Bonginkosi Gumede weSihlangene Bus Company, uthe bazoqinisekisa ukuthi baliphatha ngendlela leli bhizinisi futhi bazimisele ukuncela ulwazi nakulezo zinkampani ezinkulu esezinesipiliyoni kulo msebenzi. "Sifisa ukuzibophezela ukuthi ngeke sikuphoxe Mphathiswa (Kaunda) kuleli gxathu esesilithathile. Siyathembisa ukuthi sizoziphatha kahle izimali enisixhasa ngazo ukuze ibhizinisi lethu lithuthuke," kusho uGumede.

# UKaunda uchazele iKomiti lezokuThutha esiShayamthetho ngezinhlelo zakhe

MABUYI MKARRY

Amalungu eKomiti lezokuThutha esiShayamthetho asezwakalise ukweneliseka ngendlela uMnu Mxolisi Kaunda aqhuba ngayo selokhu engenile njengoMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi esikhathini esingaphezulu kancane kwezinyanga ezine ezedlule.

Lokhu kulandela umhlangano waleli Komiti osanda kuba KwaMhlabuyalingana lapho uKaunda ehole ithimba loMnyango wakhe bechazela amalungu esiShayamathetho ngomsebenzi owenziwe ngezinsuku zokuqala ezilikhulu kanye nokuzokwenziwa kubhekwe phambili. Bekubhekwa kakhulu nokusebenza kwesabelomali sonyaka odlule nesalo nyaka. UKaunda uthe njengoMnyango bafuna ukubeka eqhulwini izinhlelo zokulekelela abantu ababencishwe amathuba phambilini ukuba bathuthuke kwezomnotho. Uthe lokhu kuzokwenzeka ngenkathi kulethwa izinhlelo zentuthuko, ikakhulukazi emiphakathini yasemakhaya esifundazweni. Ube eselandisa ngezinhlelo azenzile, okubalwa kuzo ukwethulwa kwezinkontileka ezizosebenza umgwaqo u-P280 eMsinga, ibhuloho iTugela Ferry, nebhuloho i-Buffalo elisePomeroy.

"Siphinde saba neTaxi Indaba ngoJune 30 ebihlanganise amalungu angu-3 000 emboni yamatekisi. Kule ngqungquthela kwadingidwa zonke izinkinga ezikhungethe imboni ikakhulukazi ukungabikho kozinzo nokuthula," kubeka uKaunda. Kube nemicimbi yokuphendulwa kwamasoyi ezindaweni ezahlukene zesifundazwe okubalwa u-P415 eMandeni, u-D280 eDannhauser, u-P706 eNkandla, u-P303 eDumbe, u-D135 KwaKhoza eMlalazi, u-L1524 no-P187 e-Peacetown nase-Bluebank eMnambithi. UKaunda ubuye wabalula ezokuphepha emgwaqeni wathi kungumsebenzi wethu sonke wagcizelela ukuthi wonke umuntu kumele abambe iqhaza ekulweni nokufa kwabantu ezingozini zomgwaqo. Kulo mhlangano kubuye kwethulwa uNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha njengoba eseSihlalo omusha weKomiti elibhekele ezokuThutha eSishayamthetho. Lesi yisikhundla esivuleke ngenkathi uKaunda obesiphethe eseqokelwa ukuba nguMphathiswa.




*Ngenkathi uMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda neNhloko yoMnyango uMnu Sibusiso Gumbi behlangene neKomiti lezokuThutha esiShayamthetho eliholwa nguNkk Ntombikayise Sibhidla-Saphetha obonakala esebenzisa isandla ukuchaza okuthile..* ***Isithombe:*** ***THAMI MKHULISA***

# OwezokuThutha nelinye ihhovisi lamalayisensi okuthutha umphakathi

SITHEMBILE LUTHULI

Ngaphansi kochungechunge lwezinhlelo zeNyanga yezokuThutha, uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uhambele indawo yasePort Shepstone ukuyovula amahhovisi okukhipha izimvume zokuthutha umphakathi.

Lo mcimbi ubuhambisana nemvimba-mgwaqo emgwaqeni omkhulu u-N2 eMurchison inhloso yakho obekuwukuqwashisa abashayeli ngokuphepha emigwaqeni KwaZulu-Natal. UKaunda ulishayele elikhulu ihlombe lolu hlelo lwamahhovisi wathi luzosiza kakhulu abanikazi bezimoto base-Port Shepstone ngokubanciphisela ibanga abalihambayo uma beyofuna izimvume eMgungundlovu.

Uthe: "Ngiyaziqhenya ngokwenziwa uMnyango engiwuphathisiwe ngokusondeza izinsiza-kusebenza kubantu.

Lokhu kutshengisa ngokusobala ukuthi uHulumeni wethu uyanakekela kakhulu, impilo isizoba lula kakhulu kosomabhizinisi bale ndawo njengoba sekulula kakhulu ukuthi bathole izimvume zokuthutha umphakathi." Uqhube wathi unethemba elikhulu lokuthi ukwakhiwa kwala mahhovisi kuzoqinisa ubudlelwano phakathi koMnyango nabemboni yamatekisi.

Inhloso enkulu yoMnyango ukwandisa la mahhovisi kuzona zonke izifunda njengoba sekubonakele ukuthi ayalekelela kakhulu ekwenzeni izimpilo zabantu zibe lula.

Khona maduze nje uMnyango uzovula ngokusemthethweni elinye ihhovisi kwaMhlabuyalingana uma uMnyango usuthole indawo efanele yokwakha leli hhovisi.

Kuwona lo mcimbi uKaunda unikezele ngamalayisensi kubanikazi bamatekisi abayisikhombisa ababefake izicelo.

UNks Winnie Msimang wakuSoseshini iThuthukani eHarding, ongomunye wabanikezelwe ngezimvume uhluleke nawukuzibamba ukujabula ngesikhathi amukela imvume yakhe yokusebenza, ubonge uMnyango ngokulalela izikhalo zabo.

Uthe: "Bekungithatha cishe amahora amathathu ukusuka ePort Shepstone ngiya eMgungundlovu ngiyovuselela imvume yokushayela ngesinye isikhathi ngifike ngibhekane nenkinga uma kwenzekile kwaba khona amaphepha afunakalayo engingawaphethe bese ngiyaphoqeleka ukuthi ngibuyele khona ngakusasa.

Manje akusangithathi ngisho imizuzu ewu-30 ukuthi ngifike kula mahhovisi. Ngiyawuncoma kakhulu uMnyango ngoba into manje isiyashesha."



**"Siphinde saba neTaxi Indaba ngoJune 30 ebihlanganise amalungu angu-3 000 emboni yamatekisi."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# LUZA KAHLE OLOKUBAMBISANA NEZIKOLE ZOKUFUNDELA UKUSHAYELA

## Ukulawula izikole zamalayisensi kuzosisiza kakhulu njengoHulumeni ukunciphisa inkohlakalo eyenzeka ngaphakathi kule mboni

**MANDISI MHLONGO**

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uqophe umlando ngesikhathi unikezela ngezitifiketi ezingu-19 kubanikazi bezikole zokufundisa ukushayela.

Lezi zitifiketi zinikezwe labo ababeyingxenye yokwakhiwa kohlelo lokulawula izikole zalaba abafundisa ukushayela. Ekhuluma kulo mcimbi uMnu Cedric Miya obemele uMnyango nokunguye oshayela lolu hlelo kusukela lwaqala ukusungulwa uthe: "Ukulawula izikole zamalayisensi kuzosisiza kakhulu njengoHulumeni ukunciphisa inkohlakalo eyenzeka ngaphakathi kule mboni njengokukhishwa kwamalayisensi angekho emthethweni nokunika abantu amalayisensi bengakakulungeli ukushayela.

Lokhu kusenza siziqhenye ngoba kuzonciphisa isibalo sabashayeli abangaqeqeshekile bese kuba nomthelela wokuciphisa nezingozi emgwaqeni." UMnu Jeff Nkosi ohola uBumbano Driving School Operators ophinde abe kulona leli komiti lalolu hlelo kuZwelonke uthe kuyabathokozisa kakhulu ukubambisana noMnyango wezokuThutha ngoba lokhu kuyokwenza imboni yabo ithuthuke, ilawuleke futhi ibe nesithunzi ngendlela engeke ibange udlame phakathi kwabo nasemphakathini wonkana.

Okhulumela abemboni yokufundisa ukushayela ngaphansi kweSizabantu Driving School, eNewcastle ophinde abe yi-PRO yoBumbano Driving School Association uMnu Ratik Latif uthe kuyabajabulisa kakhulu ukuthi uMnyango ungenelele ekulawulweni kwemboni ngoba ezikhathini eziningi izikole zokufundisa ukushayela bese zivulwa yinanoma ngubani ikakhulukazi eNewcastle. "Bekuvele kuqhamuke umuntu ongekho ngisho nangaphansi kukaMasipala wendawo esezosebenzela khona.

Sifike nje singabantu abazobhalisa ukuba semthethweni kepha siphume sesiphuma nezitifiketi ezisigqugquzelayo ukuthi sisebenze kahle nangokuzimisela okukhulu ukuze sikhiphe abashayeli abaseqophelweni eliphezulu. Kumnandi kakhulu ukuthi siyingxenye yale ngqophamlando yohlelo futhi sizimisele kakhulu ukusebenzisana noMnyango kuqhutshekelwe phambili nazo zonke izinhlelo ezinhle," kuphetha uLatif. Lokhu kubhaliswa bekusaqalwe eNewcastle ngaphansi kwesiFunda aMajuba, kuzobe sekusabalala nesifundazwe sonke saKwaKwaZulu-Natal.




*Amalunga oBumbano Driving School Association emcimbini wokwamukeliswa kwezitifiketi zokuzibophezela ukusebenzisana noMnyango ekulawulweni kwezikole zokufundisa ukushayela.* ***Isithombe: ZINGISA HLATHI***

# UScott no-Magagula beqhuba umkhankaso wesabelo mali ezingolweni

**NHLAKANIPHO BUTHELEZI**

Emkhankasweni owaziwa nge Pre-Budget Road Show lapho kusuke kuhanjelwa sonke isiFundazwe saKwaZulu-Natal ngenhloso yokuzwa uvo lwabantu ngesabelo mali sakulesifundazwe kanye nokusiza abantu ngokonga imali, lwehlele endaweni yase-Zingolweni luholwa nguNgqongqoshe wezeziMali uNkk. Belinda Scott.

UNgqongqoshe uScott ehambisana nenhloko yomnyango wezeziMali uSimiso Magagula, usekela Meya wakuMasipala wase Ray Nkonyeni okade waziwa ngoMasipala i-Hibiscus ukhansela Ronnie Nair kanye nethimba labasebenzi basemnyangweni wozomgcini mafa.

Egubha Inyanga Yabantu Abadala, uScott uqale ekhaya elinakekela abantu abadala elibizwa nge Ntokozweni Village lapho efike khona wanikela ngezingubo zokulala, amathawula, izithelo, ipharishi elinomusoco iFutureLife kanye nezikhwama ezigcwele iziqholo ezimnandi.

Usuke kuleli khaya wadlulela kwaShobashobane nethimba lakhe.

UMagagula uthathe elinye idlanzana baqonda erenki yamatekisi lapho befike bakhuluma nabantu ngesabelo mali; waphinde walalela izidingo zabo. Ube esethembisa ukuthi uzozidlulisele kwiminyango kaHulumeni ezokwazi ukulethela izidingo ngqangi.

Ekhuluma emva kokuhambela nokuxoxisana nompakathi, uScott uthe ukufika kwakhe endaweni yaseZingolweni kuyingxenye yomkhankaso oqhubekayo wokuhambela imiphakathi yakulesi siFundazwe.

Emasontweni amabili adlulile, ubehambele umphakathi waseHammarsdale lapho ayexoxisana khona nabantu ngovu lwabo mayelana nesabela mali sesiFundazwe. "Kumele sihambele imiphakathi jikelele yasesifundazweni saKwaZulu-Natal sixwayise abantu ngokubaluleka kokonga imali; sibazise ngokuthi izindleko zokuphila sezimba eqolo.

Kumele siphinde sifundise siphinde sigqugquzele imiphakathi ukuthi izibandakanye ibeyingxenye yokwabiwa kwesabelo mali," kusho uScott.

Izingqinamba ezazi phakamiswa kakhulu amalunga omphakathi kulomukhankaso kubalwa kuwo ukushoda kwezindlu zemixhaso, ubugebengu obudlanzile kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa intsha, ukushoda kwamathuba omusebenzi, amanzi okuphuza ahlanzekile kanye nemiphemo esiza osomabhizinisi abancane bakwazi ukuphepha baphinde bakhule.

UMagagula uqinisekise ukuthi umnyango wozomgcini mafa usazobonakala uhambela eminye imiphakathi eminingi ngaphambi kokwabiwa kwesabelo mali ngonyaka ozayo, bangangcini lapho kodwa baqhubeke mahambele abantu seyabiwe imali ukuzwa uvo lwabo.



*uNgqongqoshe wezezimali uBelinda Scott echazela abahlali base-Zingolweni ngesabelo mali.*



*Inhloko yomnyango wezoMgcini mafa uSimiso Magagula kanye nethimba lakhe bexoxisana nosomabhizinisi erenki yase-Zingolweni.*



**"Kumele sihambele imiphakathi jikelele yasesifundazweni saKwaZulu-Natal sixwayise abantu ngokubaluleka kokonga imali, sibazise ngokuthi izindleko zokuphila sezimba eqolo."**

UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott

# UNGQONGQOSHE UKHUTHAZE UKWANDISWA KOLWAZI NGOBUHLALU

THEMBEKA DLAMINI

UNgqongqoshe woMnyango Wezobuciko Namasiko uNkk Bongiwe Sithole-Moloi ukhuthaze ukuzigqaja ngamasiko esizwe esinsundu nokungamagugu kuso.

Lomnyango Wezobuciko Namasiko ububambisene noMnyango woHulumeni Basekhaya Nobuholi Bendabuko kanye noMasipala waseMgungundlovu kwisiFunda saKwaZulu-Natali kumgubho owaziwa ngokuthi i-Beads Festival.

Ngalomgubho kuqhakambiswa ubuhlalu kanye nokubaluleka kwabo. Lokhu kubhekwe ngeso lokuthi kungathuthukisa kanjani umnotho kanye nokuthi imiphakathi ingazilekelela kanjani ekuzithuthukiseni ngokuchucha baphinde badayise ubuhlalu.

Ekhuluma kulomgubho obubanjelwe eMbali ugcizelele ukuthi likhulu iqhaza elibanjwe amaciko asebenza ngobuhlalu ngakho sekufike isikhathi sokuthi kube nolwazi oluningi ngabo.

"Size lapha ukuzobungaza indlela esichucha ngayo ubuhlalu bethu kanti futhi sizofundisana nangabo ubuhlalu ukuthi buyini nokuthi ngabe buchazani" kubika uNkk Bongi Sithole-Moloi.

Uqhube wathi, "ubuhlalu bunomlando kanti futhi buxoxa inkulumo buyiqede ngoba kuyenzeka ukuba ngifake ubuhlalu obuhlaza okwesibhaka bhaka okungabe kuchaza ukuthi shuthi konke kuhamba kahle ngiphatheke kahle noma mangifake obumnyama buchaza ukuthi ngiphatheke kabi, kanti kunobuhlalu futhi okuthiwa buwucu lobo obusetshenziswa uma intombi iqoma kanti kukhona nobubizwa ngemfibinga lobu obufakwa ingane esinqeni uma iqhumisa, ngakhoke kubalulekile ukuba sibazi ubuhlalu kanye nokubaluleka kwabo".

Izintombi zomhlanga ebezimodela ngobuhlalu obakhiwa ngoMama bama projekthi ahlukahlukene, ukusina komama besigekle, ingoma yezintombi kanye neyezinsizwa ezinye izinto ezenze lomgubho wajabulelwa abebewuhambele.

*"Size lapha ukuzobungaza indlela esichucha ngayo ubuhlalu bethu kanti futhi sizofundisana nangabo ubuhlalu ukuthi buyini nokuthi ngabe buchazani"*







# UNgqongqoshe wezobuciko namasiko uncoma ukuzimisela kwamaciko asentshonalanga

GUGU XABA

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthi uhlabeke umxhwele ukubona ngisho nesalukwazi esineminyaka engama 67 sikhombisa ukushabashekela ukufunda ngobuciko obuthe thuthu esifundeni sasoKhahlamba enyakatho ntshonalanga yesifundazwe. Lombuthano wokucebisana ngamakhono amasha emacikweni udonse izinsuku ezintathu kusukela zinhlanu kuMfumfu eCathedral Peak phansi kwezintaba zoKhahlamba entshonalanga yesifundazwe.

UMaSithole-Moloi uthi ukubona abantu abadala njengo Gogo uGetrude Mkhonza ophila nokukhubazeka kodwa esabamba iqhaza ekufundeni ubuciko obusha, kuphonsela abantu abasha inselelo yokuthi kufanele bafunde kubantu abadala.

Ezikhulumela uGogo Mkhonza uthi kuyaphileka ngokwenza umsebenzini wezandla. UGogo Mkhonza uthi walimala isandla ngonyaka we 1971 kodwa ukuthi usephila nokukhubazeka akuzange kwamuvimba ekuthungeni ubuhlalu nemihlobizo yobumba.

Amaciko aqhamuka komasipala basentshonalanga okubala abathathu iAlfred Duma, iNkosi Langa libalele noKhahlamba abengazibekile phansi eqhwanda ulwazi. Phakathi kobuciko obusha ababufundile ukwenza icathulo ezingakhethi bulili futhi ezigqokeka noma inini.

UNgqongqoshe umaSithole-Moloi uthi amaciko mawakhombise ukuzimisela nokuhleleka ukuze umnyango uzokhona ukuwasiza athuthuke.

'Kuyangithokozisa ukubona indlela izicathulo ezakhiwe ngobunono futhi zizinhle" kusho umaSithole-Moloi.

UNgqongqoshe ucele amaciko ukuthi lolulwazi angabancishi abangezanga kulombuthano ikakhulukazi izingane zabo. "

Uma sewenza umsebenzi wakho uzibize ingane zakho zizofunda ngaleyo ndlela nazo zizofunda futhi ziyeke ukuba wumvanzi emgwaqeni ", kusho ungqongqoshe uSithole-Moloi.